UJesu Kristu NguYena Izolo, Namuhla, naPhakade



Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje ngomkhuleko.

2 Baba obusisiweyo, sinenhlanhla ngempela kulobubusuku ukuba lapha kulelidolobha elikhulu laseSouth Bend. Nenhlanhla enkulu kunalokho ngukubuthana nalababantu kulobubusuku, ukuthengwa kweGazi laKho. Futhi sizoKucela ukuba usivakashele ngokuvakashelwa okukhulu koBukhona baKho, futhi usenze sonke sibe nokuzwa kukaNkulunkulu kulobubusuku ukuthi Uhlala useduze.

3 Busisa umelusi walelibandla, nezisebenzi, izisebenzi ezibambisene, izivakashi, naye wonke obuthene kulobubusuku. Kwangathi abagulayo bangaphulukiswa, futhi kwangathi u—umhlubuki angathola indlela yakhe ebuyela ekhaya futhi kulobubusuku, kwangathi abangasindisiwe bangasindiswa. Zitholele udumo kuWe uqobo. Ngokuba siyakucela, eGameni likaJesu. Amen.

4 Ningahlala phansi. Cishe eminyakeni engamashumi amabili-nantathu edlule ngangivakasha edolobheni elingumakhelwane wenu—wenu laseMishawaka kungokokuqala ukuba ngike ngibe nanoma yikuphi ukuxhumana nabantu bePentecostal. Futhi kwakungale etabernakele elithile, ngangehla ngivela—ngivela enhla eDowagiac, eMichigan, ngiyacabanga, okuseduze, nomngane wami omdala lapho ebengidoba khona, futhi ngedlula ngase ngibona lombuthano omkhulu, ngase ngima kuwo.

5 Futhi abaningi benu uzifundile izindaba zomlando wempilo yami, kanjani ukuthi ngangingumfundisi osemncane weBaptisti ngalesosikhathi, futhi okokuqala ukuba ngike ngibe semhlanganweni wamaPentecostal ukubezwa beshaya izandla zabo futhi begijima kwiphansi lonke. Futhi ngacabanga, “O, he! Yeka indlela yokuziphatha yebandla!” Ngithola ukuthi, ngangingomunye wabo futhi ngangingakwazi. Ngakho nje nginela lapho njengegilavu esandleni.

6 Futhi kwakukuleyondawo lapho umfana oyikhaladi, ngenkathi babebuza ngami, ngangingolandelayo kumfundisi osemncane kunabo bonke enkomfeni yonke, ngisanda kuhlangana nabo nje ubusuku, nomfana oyikhaladi wathi. . .Babelokhu bebuza ukuthi ngangikuphi. Futhi ngangigqoke isikibha esincane, elincane, ipheya lebhulukwe elimantwentwesana, lokho kwakungesikhathi seNcindezelo

niyazi, akekho owayengazi ukuthi ngingumfundisi, ngakho ngangihlezi nje ngithule ngempela. Nomfana oyikhaladi wathi, "Uyazi ukuthi ungubani na?"

Ngase ngithi, "Yebo, mnumzane."

Futhi wathi, "Awu, hamba umlande."

Ngathi, "Buka," ngathi, "nginguye, kodwa," ngathi, "unga—ungakusho lokho. Uyabo?"

Wathi, "*Nangu*, khona lapha."

7 Angisoze ngakhohlwa indikimba yami. Ngashumayela ngendaba ethi: *Futhi Saphakamisa Amehlo Aso SisesiHogweni*, isicebi. Futhi ngathi, "Isizathu sokuba sakhala, ngoba kwakungekho—kwakungekho Nkulunkulu lapho, ngakho sakhala." Ngathi, "Kwakungekho bantwana lapho, ngakho sakhala. Kwakungekho mshumayeli lapho, ngakho sakhala." Ngase ngikhala. Ngakho ngavele ngathuthumela kuMoya, futhi yilapho engathola khona ukuthi ngangingomunye wabo.

8 Ngiyajabula, kulobubusuku, ukuba lapha. Manje, emavikini ambalwa edlule bengihlezi esitolo othenga udlele kuso esihle, noma, hhayi isitolo othenga udlele kuso, bekuyiMarine Gardens eChicago, nginokudla kwasekuseni. Futhi ngibe nenhlanhla yokuhlala ngakumelusi wenu ohloniphekile. Futhi bangethula kuye, futhi okungukuthi bengimbonile ngaphambilini, futhi saqala ukukhuluma, futhi wanginika isimemo sokuba ngize ngapha ne. . . esho ukuthi uMfowethu Moore, unobhala wami wangasese, wayemtshelile ukuthi ngelinye ilanga uma ezokwehlela endaweni yakhe, siyokwenyukela lapha. Ngakho uMfowethu Moore wayengakaze asigcwalise isivumelwano sakhe noMfowethu Sumrall.

9 Ngathi, "Awu, ngikukweleta ukuvakasha-ke." Ngase ngithi, "Kube yizindawo eziningi kakhulu—kakhulu, futhi kubhukiwe kanzima kakhulu, kuze kuthi nje cishe ubusuku obuthathu buzoba kahle na?"

Futhi wathi, "Noma yini izolunga." Ngakho silapha-ke.

10 Futhi ngi—ngifuna ukusho into eyodwa ukuthi. . . Hhayi ngoba ehlezi lapha, kodwa ngijabula ngempela ukuba lapha, futhi ngingaqonda ukuthi kungani umoya onjengalona ubungaba khona endaweni. Ngikhulume ngaye lapho ebengihamba khona nabantu abaningi.

11 Kodwa ngifuna ukusho lokhu kumelusi wenu, kunokuthi ngimnike ihlumela lembali encane manje, kunomqhele wezimbali lapho engasekho: Nginomuntu wami wokuqala ukuzwa esho into eyodwa emelene noMfowethu Sumrall. Ukuthi ukwethembeka nendoda emangalisa kangaka, ngiyazi ukuthi ungumshumayeli wangempela, ngoba ngizwile ngalokho kusa. Abantu bonke bebuthana kusasa ntambama, abahlobo bami

ngapha ukuzomuzwa ekhuluma kulemihlangano yantambama. Ngineqiniso nizokuthokozela ukuba lapha futhi nimuzwe.

12 Futhi manje, silapha ukuzama ukuhlanganisa inkonzo yethu encane nenkonzo yenu ukuletha udumo kuNkulunkulu. Futhi ngi . . . INkosi ingibizile eminyakeni edlule ukuba ngikhulekele abantwana baYo abagulayo, futhi lokho ngizama ukukwenza ngenhlonipho yokuzithoba.

13 Futhi angizisho ukuthi ngingumphulukisi manje, uma noma ubani engezwa lokho, angisuye umphulukisi, angizisho ukuthi ngiphulukisa abantu. Mina, ngokusobala, angikholwa ukuthi ukhona ongaphulukisa abantu, ngoba lowo ngumsebenzi kaNkulunkulu, futhi Usevele ukwenzile lokho. Niyabo? Ngemivimbo yaKhe siphulukisiwe ngenkathi iNdodana yaKhe, eKalvari, yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, nangemivimbo yaYo siphilisiwe thina, inkathi edlule.

14 Futhi izikhathi eziningi kakhulu abantu bakhuluma ngokuphulukisa ngokukaNkulunkulu, akukho ukuphulukisa ngaphandle kokuphulukisa ngokukaNkulunkulu, yilokho kuphulukisa kuphela okukhona, akukho okunye ukuphulukisa, ngaphandle kokuphulukisa ngokukaNkulunkulu. Awukaze umuthi uke welaphe noma yiluphi udaba; akukaze ukuhlinzwa kuke kwelaphe. Niyabo? Ukuhlinza kuwuncedo, futhi umuthi uwuncedo, esicabanga ukuthi kulungile, futhi sibonga uNkulunkulu ngalo lonke uncedo esinalo, kodwa uNkulunkulu unguMphulukisi. Niyabo? AmaHubo 103:3 athi, "NgiyiNkosi Ephulukisa zonke izifo zakho."

15 Ngakho siyazi, sifanele sivumelane neZwi. Uma iZwi liphandle endaweni eyodwa, khona-ke Liphandle ndawo zonke. Kuvumelana ngokuphelele yonke indlela. Ngiyalikholwa nje iZwi. Lolo—lolo—lolo wuhlelo lukaNkulunkulu. Angifuni lutho olungaphezu kwalokho iBhayibheli elikufundisayo, kodwa ngifuna konke lokho Elikufundisayo, ngifuna—ngikufuna konke. Ngakho YiZwi likaNkulunkulu, Lifanele lifike.

16 Manje, ngiyazi ukuthi uNkulunkulu angenza izinto engalotshiwe eZwini laKhe, UnguNkulunkulu, Angenza noma yini Afisa ukuyenza, kodwa inqobo nje uma ngazi ukuthi kuphuma eZwini, kunginika isiqiniseko esihle nje ukuthi yonke into ilungile. Ngi—ngiyakuthanda lokho kahle ngempela.

17 Manje, sicela iNkosi kulobubusuku ukuba isibusise. Futhi manje, elinye nje futhi izwi ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu. Manje, angikaze ngize ukuzothatha indawo kadokotela wakho. Niyabo? Qhabo. Ngiza ukuzokwenza lokhu: Ngiza ukuzokhulekela umntwana kaNkulunkulu, isiguli sikadokotela, umfowethu nodadewethu, yilokho—yilokho engikuzele. Niyabo?

18 Manje, kulokhu ubona okuningi kakhulu lapho ukhuluma ngokuphulukisa ngokomzimba, ukuthi kukhona . . . izinjongo

nezimpokophelo zabantu zibonakala sengathi zinokudideka kakhulu futhi ziyiphutha izikhathi eziningi.

19 Manje, yana kudokotela wezokwelapha, futhi uzothi, “Ungayi kulowodokotela ohlinzayo, akalutho kodwa u—ungosikanayo njengasesilaheni, uzovele akusike ube yizicucu, ungohlinzayo.”

Bese kuthi-ke u—udokotela ohlinzayo uzosho emuva kowokwelapha, ngodokotela wezokwelapha, “Awudingi amaphilisi kashukela, udinga ukuhlinzwa.”

Awu, khona-ke bobabili bazothi, “Ungazihlanganisi ngalutho nalowodokodela wokwelapha ngokulula amalunga nemisipha.” Niyabo? “Akulutho kodwa ikhambi nje, ingqondo yakho.”

Futhi udokotela wakho wokulula amalunga nemisipha uzothi kudokotela wamathambo nemisipha osebenzisa izandla, “Amathambo akho adinga ukuqondiswa, hhayi ukuhlikihlwa imisipha yakho.”

Bese kuthi-ke, futhi bonke bamelene nomshumayeli. Ngakho, ngakho nakho lapho okhona. Kodwa engicabangayo ukuthi izinjongo nezimpokophelo akulungile. Niyabo?

20 Uma yonke into ilungile . . . Kodwa yi—yinto yokwenza imali. Uma yonke into ilungile nomuntu unenjongo yakhe elungile nempokophelo yakhe elungile kukho, ngicabanga lokhu, ukuthi ngamunye wethu . . . Futhi sonke siyazi ukuthi ukuhlinzwa kuyasiza, umuthi uyasiza, iBhayibheli lasho njalo, futhi—futhi siyakwazi ukwelashwa kwezifo ngokwelula amathambo nemisipha kanye nokwelashwa kwezifo zamathambo nemisipha kusetshenziswa izandla, izikhathi eziningi kusiza abantu, siyakwazi lokho. Wena nje . . . Lolo wuncedo oluhle, usizo.

21 Ngakho-ke esifanele sikwenze, bekuyoba ngukuthi ngamunye wethu sihlanganise izandla nezinhliziyo ndawonye futhi simashe siye phambili ukwenza konke esingakwenza ukwenzela abantu bakithi ukwenza impilo ibe mnandi ngokuthe xaxa, loluhambo esikulo lapha, empeleni, ukuba sisizane, ukwenza konke esingakwenza ukuzuza nokwenza impilo ibe mnandi kakhulu kumuntu ngamunye ohamba kuloluhambo.

22 Kukulokhu ukuphela ukuthi ngilapha, ukuzama uku—ukwenza lokho, ukujoyina izandla nodokotela wakho, nodokotela wakho wokwelula amathambo nemisipha, nodokotela wakho ohlinzayo, nomelusi wakho, nomakhelwane wakho, na—nabo bonke, ukuzama ukwenza impilo ibe ngconywana nje.

23 Futhi ngiqinisekile, ngokuthi, vele ngiyezwa ukuthi ngibusisiwe ukuhamba kulelibandla lapha, futhi ngizwe lomoya wokwamukela omangalisayo, nokuthola ukuxhawulana nalaba bazalwane abangabefundisi njengoba singena. Ubusuku

obuthathu nje, ukubuthana okuncane nje ndawonye, ukwazana okuncane; bengihlala njalo ngikulangazelela ukuza lapha. Futhi khona-ke mhlawumbe kamuva, iNkosi ithanda, besingenza okuthize mhlawumbe esimweni sezulu esifudumele, ukuba sigxumeke ithende elikhulu lapha ndawondawo futhi sibe nemvuselelo enhle lapho bekuyothatha khona isikhathi eside.

24 Manje, kulokhu ku—kulukhuni impela ukungena e... nohlobo olusha lwenkonzo, bese-ke uzama ukukwethula ebusukwini obuthathu nje, kanti ngempela kufanele kuthathe ubusuku obuthathu bokukwethula phambi kwenu...ukuthola abantu ukuba babone ukuthi yiZwi.

25 Sikholwa ukuthi iZwi likaNkulunkulu liqinisile. UJesu wathi, "ImiBhalo ingephulwe," ngakho-ke iZwi liqinisile. Futhi ukuza futhi ngizame ukuqala ukukhulekela abantu ngobusuku bokuqala ngqo, kukwenza kube nzima. Ngakho ngi—ngicela lokhu nje: ukuzethemba kwenu—kwenu.

26 Futhi mina, bambalwa kakhulu abantu engi, ngempela, abakhuphuke futhi kuxhunywane nabo ngokubeka izandla, inkonzo yami ayisikho lokho. Siyaqonda ukuthi leyo yinkonzo enkulu, ukubeka izandla. Kodwa inkonzo yokubeka izandla kwakuyisibonakaliso samaJuda. Niyazi, uJayiru wathi, "Woza, ubeke izandla zaKho phezu kwendodakazi yami, futhi izophila."

Kodwa induna yekhulu engumRoma yathi, "Khuluma iZwi nje." Yilokho kuphela, oweZizwe. "Yisho iZwi nje."

UJesu waphenduka, wathi, "Angikaze ngikufumane ukukholwa okunjalo kwa-Israyeli." Niyabo?

27 "Khuluma iZwi nje." Ngoba kwenzekani na? Manje, kukhumbuleni lokhu: LowomRoma wayazi ukuthi konke ukugula nesifo kwakuthobela iZwi laKhe. Manje, uma ungaqonda okufanayo, sekuphelile, lapho ungaqonda okufanayo ukuthi onke amademoni, konke ukugula, zonke izifo, konke ukuhlupheka kuthobela iZwi likaNkulunkulu. "Khuluma iZwi nje, futhi inceku yami izosinda. Angifanele ukuthi Ungene ngaphansi kophahla lwami."

28 Bese kuthi-ke, enkonzweni, njengoba ngisho ukuthi—ukuthi Unginike yona, angifundile, futhi hhayi i...Angizibizi ngisho ngomshumayeli, uhlobo nje olufana nethayi eliyisipele, niyazi. Lokho...Futhi, kodwa kulokho ukuzama ukuletha inkonzo kubantu ukuze bathande iNkosi uJesu. UNkulunkulu abe nani. Futhi kwangathi uNkulunkulu anganisiza, futhi asisize sonke manje ukuba sibabaze Yena Esiza lapha ukuzombabaza.

29 Ngifisa ukufunda eZwini likaNkulunkulu kulobubusuku okwemizuzwana embalwa nje. Nomhlangano omusha, nokungena, nokwethuka okuncane okokuqala nje niyazi, kodwa angazi, ngibe nemihlangano eyinqwaba emhlabeni jikelele izikhathi eziningi, kodwa kukhona okuthize mayelana nokuthi lapho ubhekene nento ethize ukuthi uyabuqonda u—

ubungcwele bakho. UNkulunkulu wakuthumela, uSathane nje efuna isici noma yikuphi lapho angakwazi khona.

30 Manje, uma abantu bengathungelwe phansi eZwini, nokho bangahle bangaLikhulumi . . . kodwa awudingi ukuLikhuluma, uNkulunkulu uyalazi lapho Lisenhliziyweni yakho, khona-ke uyakuzwa lokho, uyabo. Kodwa manje, uma nje uzo . . . Uma ungibona ngenza noma yini, noma uMoya oNgcwele wenza noma yini engekho emiBhalweni, khona-ke sazise ngakho. Niyabo? Kufanele . . .

31 Ebusukwini obumbalwa obedlule ngale eWaterloo, futhi bengicabanga . . . Ngobunye ubusuku lapho sa—saba nokudla kwasekuseni kwabefundisi, futhi kwakukhona umoya othe ukuba nzima, babonakala bengenakukwazi uku—ukukubamba ngqi nje. Hhayi . . . Kwakuphakathi kwePresbyterian, iLuthela, kanjalonjalo, futhi kwakungumoya onzima kakhulu.

32 Futhi ngavele ngaphelelwa amandla ngakho, ngoba iNkosi yayenza izinto ezinkulu, kodwa nokho abantu babehlezi nje. Ubungakucosha engqondweni yabo, niyazi, ukuthi kwakuyini, ababekucabanga. Futhi lokho kukwenza kube l'khuni kabi kabi, uma bengekho nawe bonke, indawo eyodwa nganhliziyonye, niyazi.

33 Futhi ngenkathi ngiselapho emsamo, futhi nje nginomkhuleko, ngacabanga ukuthi indiza yayiza ngapha, futhi ngaqalaza kuDkt. Vayle lapha, futhi wayecabanga ukuthi owesifazane wayephendule u—umoya nge-ogani yepayipi, noma okuthize, futhi Kuzwakala njengokuduma kuza ndawondawo, njengokuduma komdumo, kuza ebangeni.

34 UBilly wagxuma waya phezulu. Futhi ngabuka ngale kuMfowethu Mercier lapha, ongumfana wamateyipu, futhi yena noMfowethu Goad, nendodana yami, nabo bakhipha amakhadi omkhuleko, wayecabanga ukuthi wayenze okuthize, futhi wangibona ngimbuka, wathi inhliziyo yakhe yase ithi ayihluleke, wayengazi ukuthi Kwakuyini.

35 Khona-ke khona manjalo kuza ngqo kudabula esakhiweni, kuza njengo—ngomoya, kuphela Kwakungesiwo umoya, Kwakungukubhonga njengomoya, futhi Kwavele kwazamazama phansi, futhi kwaphumela phezu kwezethameli, futhi ubabona bephenduka beba mhlophe lapho nje Kwenza amagagasi phezu kwezethameli, ukuphindaphinda nje njengePhentekoste, njengokuvunguza komoya onamandla.

36 Ngakho, kodwa kwakungesiwo umoya, Kwakufana nje nokuthonya okwaphuma kanjalo. Futhi ngaqaphela iBhayibheli lathi, "Kwavela eZulwini inhlokomo kwangathi eyokuvunguza komoya onamandla." Niyabo? Futhi ngiqala ukuhlola, ngoba ngiyazi uMoya oNgcwele awuziphathi neze ngokungesikho, Uhlala njalo uqinisile.

37 Ngakho manje-ke ngiqala ukukuhlola ngeZwi. Ngase-ke ngiphenya ngale kuJohane oNgcwele isahluko 12 lapho iNkosi yethu yayikhuleka khona ngesinye isikhathi, futhi ngenkathi Isakhuleka, ngakwabanye babagxeki baYo, awu, uNkulunkulu waseZulwini wakhuluma waphendula iNdodana yaKhe, nabantu ababemi eduze bathi Lidumile, abanye babo bathi iNgelosi ikhulumile. NoJesu wathi, "Akufikanga ngenxa yaMi, kodwa ngenxa yenu." Niyabo? Ngakho Uhlala njalo engokomBhalo ngaso sonke isikhathi.

38 Manje, ukufunda iZwi laKhe eliNgcwele elibusisiwe, ukukhuluma nani nje imizuzwana embalwa, futhi ngikhulekele abagulayo, nokuthi ukwenza lokhu kube ubusuku bokuhlangana ndawonye, ukujwayelana. Futhi uma nje nizobeka yonke imicabango eninayo kukho, emkhulekweni nokusekela, awu, khona-ke sizo. . . Ngikholwa ukuthi iNkosi izophulukisa bonke abagulayo nabahluphekile futhi sizoba nomhlangano omangalisayo nje.

39 EZwini likaJohane oNgcwele isahluko 12 nevesi 20, encane, indikimba ejwayelekile:

> *Kwakukhona amaGreki athile phakathi kwababenyukele ukukhuleka emkhosini:*
>
> *Lawo-ke aya kuFiliphu, waseBetsayida laseGalile, acela kuye, athi, Mnumzane, sithanda ukubona uJesu.*

40 Bese kuthi-ke okwendikimba, umongo womkhankaso ojwayelekile ngamaHeberu 13:8: *UJesu Kristu NguYena Izolo, Namuhla, naPhakade*. Futhi manje, phezu kwaleliZwi ngingathanda ukukhuluma nani imizuzwana embalwa nje.

41 Kuyinto engejwayelekile kakhulu ukucabanga ukuthi othize, noma, izwe liyongabaza amaZwi omDali, kodwa yi—yingoba libuswa ngukungakholwa nemimoya yesitha ebenza bangakholwa.

42 Angikholwa ukuthi noma ubani owake wezwa leloGama eliligugu likaJesu ngaphandle kwalowo owayelangazelela ukuMbona. Ngiye ngaba nenhlanhla yokushumayela ezizweni eziningi zakwamanye amazwe, nezixuku ezinkulu zabantu ziphuma ukuzozwa iVangeli, kodwa angikaze ngibone noma ubani empilweni yami, owake wezwa ngoJesu ngaphandle kwalowo obelangazelela ukuMbona.

43 Kukhona okuthize nje ngezidalwa ezingabantu ukuthi, kubonakala sengathi isiqubulo esidala saseMissouri, "Ukubona kungukukholwa." Futhi sithembele kakhulu emzweni wokubona. Lokho ngukuthi, imizwa emihlanu ilawula umzimba, nomuzwa wokubona uyisango emphefumulweni.

44 Kubi kakhulu abantu abangamaProtestane abakwazi lokho, iKatolika lakubamba kudala, ngezithombe ezincane eziqoshiwe

nezithombe eziyizikhumbuzo, kanjalonjalo, zabangcwele, kodwa ihlo, isango eliya emphefumulweni.

45 NalamaGreki ayezwe okuthize ngaYe, futhi athola ukuthi WayenguBani nokuthi Wayeyini, futhi athi, "Mnumzane, sithanda ukubona uJesu." Manje, ayengafisi ukubona imisebenzi yaKhe, ayefisa kuphela ukubona uJesu.

46 Bese kuthi-ke, uma amaHeberu 13:8, hhayi *uma*, kodwa kuyiqiniso, onguye izolo, namuhla, naphakade, kubonakala sengathi khona-ke besiyokwazi ukuMbona namhlanje njengoba nje benza ngaleyonkathi uma Esenguye.

47 Manje, uma iBhayibheli lithi Unguye izolo, namuhla, naphakade, khona-ke Uzofanele afane emgomweni, ofanayo emandleni, ofanayo emnyakazweni, ofanayo enjongweni nasempokophelweni, Uzofanele afane ngandlela zonke, umzimba wenyama kuphela.

48 Manje, umzimba wenyama wawuyindawo yokuhlala kaNkulunkulu. "UNkulunkulu wayekuKristu, ebuyisana nezwe kuYe uqobo." Nalomzimba wabulawa eKalvari kwenzelwa ukuBuyisana. Yilapho Alinyazwa khona ngenxa yeziphambeko zethu, ngemivimbo yaKhe siphilisiwe thina.

49 Futhi uNkulunkulu wakhuphula lowomzimba ngosuku lwesithathu, uyaphila futhi, futhi uhlezi ngakwesokunene saKhe kulobubusuku eNkazimulweni ukwenza ukunxusela phezu kokwethu—phezu kokuvuma kwethu. UngumPristi wethu oMkhulu, Uzokwenza . . . ukusinxusela lapho esenza khona ukuvuma. Futhi noma yini Ayenza emhlatshelweni waKhe owanele konke eKalvari, noma yini Ayenza lapho ekubuyisaneni, Wasithengela inani ukuba silemukele ngokukholwa nokucela, futhi Uphambi kukaBaba ukwenza ukunxusela phezu kwalokho esivuma ukuthi Ukwenzile.

50 Manje, *ukuvuma* kusho ukuthi, "yisho into efanayo." Uma iBhayibheli lathi, "Ngemivimbo yaKhe siphilisiwe thina," ukukuvuma, kungukuvuma into efanayo. "Ngemivimbo yaKhe ngiphulukisiwe. Ngemivimbo yaKhe ngiphulukisiwe." "Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, ngemivimbo yaYo siphilisiwe thina."

51 Manje, kulowomzimba wenyama, emva kokuba Esethumele emuva, uMoya oNgcwele wathunyelwa emuva emhlabeni uku, uMoya kaKristu, ukuhlala eBandleni. Uyakukholwa lokho na? Siyi—siyiBandla likaKristu. Singena kanjani eBandleni na? Hhayi ngehlelo, hhayi nganoma iyiphi enye indlela, kodwa ngombhaphathizo kamoya, kwabaseKorinte bokuQala 12, "NgaMoya munye thina sonke sabhaphathizwa sibe-Mzimba munye." Hhayi ngombhaphathizo wamanzi, kodwa ngombhaphathizo kamoya sifakiwe eMzimbeni kaKristu ngombhaphathizo kamoya, futhi sibe ngamalunga oMzimba waKhe.

52 UJohane oNgcwele 15, Wathi, “Mina ngingumVini, nina ningamagatsha.” Manje, umvini awutheli isithelo, umvini unika kuphela amandla igatsha, negatsha lithela isithelo. NeBandla liyigatsha elixhunywe eMvinini ukuba lithele isithelo. Niyakuthola na? Ne—negatsha lingeke lathela isithelo lize linikwe amandla ngumVini. Futhi noma yikuphi ukuphila okusemvinini, igatsha lizothela uhlobo lwesithelo lokho ngukuthi, emthonjeni onikeza ukuphila esithola ukuphila kwaso kuwo. Uma kuyithanga, liyothela amathanga; uma kuyikhabe, liyothela ikhabe; uma kungu—uma kungumvini wamagilebhisi, uyothela amagilebhisi.

53 Futhi uma iBandla likuKristu, khona-ke Liyothela uMoya ofana nokaKristu, imisebenzi efana nekaKristu, ukukholwa okufana nokukaKristu, uma uxhumeke ngokufanele, omuhle, umvini ophilile, unganqunyiwe, ulenga, noma ubune, kodwa elangempela, elihle, igatsha elinempilo elixhunywe eMvinini lizothela izithelo zikaMoya. Siyakwazi lokho ukuthi kuyiqiniso.

54 Manje, uJesu wathi ngaphambi kokuba Ashiye umhlaba, “Lemisebenzi eNgiyenzayo nani niyakuyenza.” Futhi Wathi, “Kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona,” (Manje, *izwe* lapho lalichaza, “uhlelo lwezwe.”) “izwe lingabe lisaNgibona, nokho niyoNgibona nina,” (u *ni* yikholwa, *izwe* ngongakholwayo,) “ngokuba Ngi,” (u *Ngi* yisabizwana somuntu,) “Ngiyakuba nani,” (Kuze kube nini na?) “kuze kube sekupheleni kwezwe.”

55 “Ngi,” uKristu, eBandleni laKhe, efaka amandla, eletha izinto ezifanayo a—Azenza ngenkathi Elapha emhlabeni, njengoba Enza kuyo yonke iminyaka eseyadlula, UseBandleni laKhe kulobubusuku ukwenza into efanayo. Kubi kakhulu ukuthi sidwebe imigqa, nemigoqo, futhi sinamavuso amancane ehlukene nezimfundiso ezigqamile, esikhundleni nje sokuthatha lokho uNkulunkulu athi kwakuyiqiniso. Kunjalo.

56 Manje, uma Ebonakale kithi ngalezizinsuku zokugcina . . . Manje khumbulani, ngenkathi Ebonakala kumJuda, Wa—Watshela abafundi baKhe, “Ningayi kunoma yimuphi oweZizwe. Kunalokho yanini ezimvini ezilahlekile zendlu ka-Israyeli.” Futhi sithola ukuthi uJesu qobo lwaKhe akazange Azibonakalise ebukhoneni, noma ukuzikhombisa Yena uqobo kwa—kwabeZizwe, noma wathumela iBandla laKhe kwabeZizwe, kodwa lokho kwakuzofika kamuva. IVangeli lalizoshunyayelwa kwabeZizwe kamuva. UPawulu wathi emva kokuba wayekade enqatshiwe izikhathi eziningi kakhulu ngamaJuda, “Bheka, siphendukela kwabeZizwe.”

57 Manje, ukuze uthole ukuthi Ubeyini izolo, ukubonakaliswa kwaKhe ukuMbona, ukuthi Uyini namhlanje. Manje-ke uma Enguye namhlanje njengoba Wayenjalo izolo, ukubonakaliswa kwaKhe kuzofanele kufane.

58 Manje, lokho kungahle kubonakale kungokungejwayelekile kancane nje enkambisweni evamile yesikole, kodwa empeleni, uJesu washo lamazwi, “Imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza.” UJohane oNgcwele, ngikholwa ukuthi ngu 14:7. “Imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza; emikhulu kune . . . ” Ukuhunyushwa okuyikho ngukuthi *emininginingi*; ubungeke wenze noma yikuphi okukhulu. Uma E . . . Okukhulu ngobuningi, kodwa hhayi ngekhwalithi, Wavusa abafileyo, wamisa imvelo, Wenza nje konke. Ngakho bekuyoba ngokuningi kunalokhu, ngoba khona-ke uMoya oNgcwele uyobe usebenza ngeBandla emhlabeni wonke jikelele. “Emininginingi imisebenzi efanayo niyoyenza, ngoba Ngiya kuBaba. Futhi Ngiyobuya futhi, futhi ngibe nani, kini.”

59 Manje, yinye kuphela indlela elungile. Uma bengingathi kinina maPresbyterian kulobubusuku, “Niyakukholwa lokho na?”

60 “Yebo, ngiyakukholwa lokho.” AmaMethodisti, iPentecostal, nokunye nokunye, ngamunye ubeyokukholwa, ubuyocabanga ukuthi ibandla lakho liyakwenza. Awu, kunjalo, ngiyakukholwa lokho, futhi. Bengingeke ngikudumaze ukukholwa kwanoma ubani kuNkulunkulu nganoma yiliphi ihlelo, ngoba uKristu akabheki buso bamuntu noma ihlelo, Ufuna lowo ozoMkhonza.

61 Kodwa manje, asi . . . Esangempela kuphela, isithombe seqiniso esingasithola sakho ngePentecostal, ngeFull Gospel, iNazarene, iPilgrim Holiness, iMethodisti, iBaptisti, kanjalonjalo, uma uJesu enguye izolo, namuhla, naphakade, asibuyele emuva futhi sithole ukuthi Ubeyini izolo, khona-ke sizothola ukuthi Uzoba yini kuze kube phakade, nokuthi Uyini namhlanje, sithole ukuthi Wayeyini ezinsukwini ezedlulayo.

62 Manje, uma nifisa ukulandela lokhu, ningaphenya futhi nifunde kulobubusuku . . . Ngizokucaphuna nje, futhi ningakuhlola kanye nami manje. Asiye eNcwadini kaJohane oNgcwele ukuqala nje, okwesicaphuno esincane nje. Siyathola emva kokuba uMoya oNgcwele usufike phezu kwaKhe, uNkulunkulu ehlala kuYe . . . NoJesu akazange azisho ukuthi unguMphulukisi. Bangaki okwaziyo lokho na? Impela akazange. UJesu wathi, “INdodana ingenze lutho ngokwaYo. AkuMina owenza imisebenzi: nguBaba waMi ohlala kiMi, Wenza imisebenzi.” Futhi Wathi, “INdodana ingenze lutho ngokwaYo,” uJohane oNgcwele 5:19, “kodwa lokho uYise . . . lokho Ebona uYise ekwenza, lokho iNdodana iyakwenza kanjalo.”

63 Manje, ngabe yiqiniso lelo na? INdodana kaNkulunkulu ibingaqamba amanga na? Qhabo, mnumzane. Lelo yiqiniso. Khona-ke uJesu akazange enze nesisodwa isimangaliso ngaphandle kukaNkulunkulu eMkhombisa kuqala ukuthi akenzeni, noma Washo into eyiphutha kuJohane oNgcwele 5:19.

64 Manje, abantu bebehlala njalo benakho emqondweni wabo ukuthi abaprofethi bakaNkulunkulu, noKristu nabo, baphulukiswa nje noma yikuphi lapho bethatha khona umcabango wokuphulukisa. Qhabo, mnumzane. Kwakungakaze kunikezwe inyama yomuntu. Thatha abaprofethi, thola u-Eliya eNtabeni iKameli, ngenkathi endlala zonke lezizinto, wathi, "Nkosi, ngenze lokhu ngomyalo waKho." Njalo uNkulunkulu ehamba, ekhombisa intando yaKhe ukuthi akenzeni.

65 Manje, siyathola kuJohane oNgcwele isahluko 1, emva kokuba Esemukele okukaMoya oNgcwele kuYe, okwabe kunguNkulunkulu ekugcwaleni . . . Manje, khumbulani, uKristu wayenoMoya ngaphandle kwesilinganiso, sinawo ngesilinganiso.

66 Isiphiwo esinaso eBandleni kulobubusuku sincane kakhulu nje eceleni kwalokho uMoya waKhe omkhulu owawuyikho, kufana nje nesipunu esigcwele samanzi aphuma kolukhulu, ulwandle olunamandla. Kodwa uma ubungathatha isipunu esigcwele samanzi olwandle, bese usithatha usifake endlini yokucwaningela isayense, bese usihlola, onke amakhemikhali ayesolwandle abeyomelelwa kulesosipunu esigcwele samanzi, bekuyoba wuhlobo olufanayo lwamanzi, nokho hhayi kangako. Ungaleyondlela uMoya eBandleni, NguMoya ofanayo, kodwa hhayi ekugcwaleni njengoba AWemukela.

67 Abafundi baKhe base behlulwe ngokuphelele odabeni lwesithuthwane, futhi ngaphambi nje kwalokho Wayebanike amandla okukhipha amademoni, ukuphulukisa abagulayo, ukuvusa abafileyo, futhi behlulwa ngokuphelele odabeni lwesithuthwane. Nobaba wathi, "Ngimlethe kubafundi baKho—baKho," wayesethi, "Ngi . . . Abakwazanga ukumelapha." Wayesethi, "Nkosi, uma Ungaphumelela, sihawukele."

UJesu wathi, "Mletheni lapha. Uma ukholwa, Ngingakwenza."

68 Futhi ngenkathi umoya ubona lawomandla amakhulu kaNkulunkulu, babazi ukuthi lokho kwakungaphezu kokugcwele isipunu ababesitholile kubafundi. Futhi umoya wehlulwa, kusobala, kwaphosa umfana ekuqulekeni okul'khuni kunakho konke ake aba nakho mhlawumpe, futhi wazibhixa phansi. Kodwa nokho, ngenkathi uJesu ethi, "Mthathe, umnike ukudla, ukahle . . . "

69 Manje, esahlukweni 1 sithola ukuthi kwakukhona indoda eyaphenduka futhi yahamba futhi yathola umngane wayo, umfowabo, uPetru, u-Andreya. Futhi ngenkathi uPetru ekhuphukela eNkosini uJesu, landelani eduze, uJohane oNgcwele 1, ngenkathi uPetru efika kuJesu, uJesu akamazanga kuphela, kodwa wazi ukuthi uyise wayengubani, uJesu wathi, "UnguSimoni, kodwa uyakuthiwa uPetru, yi 'tshe elincane.'" Wayesethi, "Igama likayihlo nguJonase." Yilokho umBhalo

okushoyo. Wayemazi uPetru, wayelazi igama lakhe, futhi wayelazi igama likayise.

70 Bekungenzekani lokho kulobubusuku na? Izwe belingakuthatha ngokuthi kuyini na? Nje donsa umbono. Izwe beliyocabangani kulobubusuku uma into efana naleyo yenzeka na? Ngokufanayo nje njengoba benza ngaleyonkathi, ukufunda ingqondo noma okuthize.

71 Khona-ke kwakukhona oyedwa ogama linguFiliphu, imigqa embalwa elandelayo phansi, waphenduka, ngakho uyawela, wayengowasemzini ofanayo ukuthi omunye, ukuthi uPetru nomfowabo u-Andreya wayevela khona, futhi uzungeza intaba futhi uthola umngane olungileyo ogama lingu—nguFiliphu, noma, uNathanayeli, wathola uNathanayeli. Futhi uNathanayeli, wamthola ngaphansi kwesihlahla, mhlampe ekhuleka, ngenkathi ekhuphuka. Futhi qaphelani, ngenkathi esukuma emadolweni akhe, sengiyamuzwa uNathanayeli ethi kuye, noma uFiliphu, njalo, kuNathanayeli, "Woza, ubone ukuthi Ubani esimfumene."

72 Kukhona okuthize nje ngakho, uma ukuphenduka kweqiniso kuthole into ethize yangempela futhi iphendulelwe kukho, angeke akugcine kuye uqobo, uzofanele atshele omunye umuntu ngakho.

73 Futhi wayazi ukuthi lendoda yayiyibandla loMthetho impela enkolelweni yayo, kodwa yona, nokho, wayazi ukuthi yayiyindoda eqotho, futhi wayefuna ukuyisa uMlayezo kuyo, wathi, "Woza, ubone ukuthi Ubani esimfumene, uJesu waseNazaretha, indodana kaJosefa." Ngamany'amazwi, "Lowo abaprofethi abakhuluma ngaye, siMtholile."

74 Manje, ungathini nje ukwethuka kulelikholwa loMthetho na? Sengiyambona lapho esukuma futhi esula uthuli emadolweni akhe, wayesethi, "Manje, kungaba khona okuhle okuvela eNazaretha na?"

75 Njengoba bebengathi namhlanje, "Kungaba khona okuhle phakathi kwalabobagingqiki abangcwele na? Kungaba khona okuhle okuvela eqenjini elinjengalelo na?"

76 Futhi ngicabanga ukuthi uFiliphu umnika impendulo ezedlula zonke noma yimuphi umuntu abengayinikeza, wathi, "Woza ubone." Leyo yinto ekholisayo kakhulu: "Woza ubone."

77 Futhi emgwaqeni ngalapho ngiyabezwa lapho bekhuluma, ngiyamuzwa ethi, "Uyazi ukuthini? Ngenkathi uPetru ekhuphukela kuYe futhi wayekhuluma naYe, Wamtshela ukuthi wayengubani, wamtshela ukuthi igama likayise lalingubani. Manje, ningamangali, ngoba Angahle enze into efanayo kuwe."

78 Sengathi ngiyambona uNathanayeli ethi, "Manje awume kancane. Hlobo luni lwesiphetho esijulile osuchezukele kuso

na? Kwenzekeni kuwe na? Ulindele ukuthi ngikholwe into enjengaleyo na?

"Futhi, Nathanayeli, woza, woza nje, uzibonele."

79 Ngakho waqhubeka, iNkosi yayimi emgqeni, mhlawumbe ikhulekela abagulayo, futhi nakhu kwenyuka uFiliphu noNathanayeli. Futhi kwathi nje amehlo eNkosi yethu angawela phezu kwakhe, Yathi, "Bheka umIsrayeli, okungekho nkohliso kuye!"

80 Manje, lokho kwakuxakile, ngoba amaGreki namaJuda, onke ayegqoka ngokufanayo izingubo ezinde, nentshebe, nezimbadada. Wazi kanjani ukuthi wayengu—ngumJuda na? Wazi kanjani ukuthi wayengoqotho na? Futhi kwammangaza, nesimo sakhe sokuziphatha sasimele sonke isizwe samaJuda esake sakholwa, wathi, "Rabi, Ungaze nini na? Lesi yisikhathi sethu sokuqala ukuba sike sihlangane. Ngani, Awukaze ungibone, Awazi lutho ngami, futhi Ubungazi kanjani ukuthi bengiyindoda eqotho nelungile na?"

UJesu wathi, "Ungakabizwa nguFiliphu, uphansi komuthi, Ngakubona."

81 Bangaki owaziyo ukuthi lokho kungokomBhalo na? Impela kunjalo. Lowo kwakunguJesu izolo. Uma Enguye namhlanje, Uzofanele enze okufanayo.

82 Futhi, kusobala kwakukhona abangakholwayo bemi ngesikhathi, futhi sinerekhodi likaMarku, nalawomaJuda angakholwayo . . . Manje, wathini uFiliphu, noma uNathanayeli, njalo na? Wathi, "Rabi, Wena uyiNdodana kaNkulunkulu," kufanele ukuthi babebheke into enjengaleyo, "Wena uyiNkosi yakwa-Israyeli."

NoJesu wathi, "Ngoba Ngikutshele lokho, uyakholwa na? Khona-ke ungabona izinto ezinkulu kunalokhu."

83 Kodwa wathini ongakholwayo ngenkathi lezizinto zenziwa na? Babenamahloni ukukukhuluma ngqo ngokwabo . . . ngomlomo wabo uqobo, kodwa enhliziyweni yabo bathi, "UnguBelzabule. Yena . . . " Futhi uBelzabule wayeyinkosana yodeveli, njengombhuli. Futhi noma ubani uyazi ukuthi ukubhula kungokukadeveli.

Ngakho wathi, "UnguBelzabule." Futhi abakushongo ngokuzwakalayo.

84 Kodwa uJesu wayibona imicabango yabo, kuyilokho okwashiwo ngumBhalo. Wathini kuleloqembu lamaJuda ayecabanga lokho na? Wathi, "Khuluma lokho ngokumelana neNdodana yomuntu, uyakuthethelelwa khona." Kodwa lalelisisani, "Nxa uMoya oNgcwele esefikile," ngenye indlela ukwenza into efanayo, "izwi elilodwa elimelene naWo alisoze lathethelelwa kulelizwe noma ezweni elizayo." Bangaki owaziyo ukuthi umBhalo usho lokho na? Yiqiniso.

85 Kwakukhona ikholwa elakwemukelayo, igama lalo alifi kulobubusuku; kwakukhona ongakholwayo ongakukholwanga, futhi niyazi ukuthi kwenzekani kubo. Manje, uma leso bekuyisimo sokuziphatha sikaJesu izolo, namuhla bekuzofanele kufane, naphakade kuzofanele kufane. Manje, Akazange . . . Ngalokho bakholwa. Manje bhekisisani, Wazethula kanjalo impela kubantu abangamaJuda.

86 KuJohane oNgcwele isahluko 4 manje, lokho ngese 1, asiye kwese 4 umzuzwana nje, Wayenesidingo sokudlula ngaseSamariya ngenkathi Esendleleni yaKhe ebheke ezansi eJeriko. IJerusalema lisentabeni, iJeriko lisesigodini, kodwa Wenyuka wazungeza iSamariya. Ngani na? Wayenesidingo. Wathuma abafundi baKhe ukuba bayothenga umphako.

87 Futhi besahambile, akungabazeki obukeka emuhle, osemncane, owesifazane ongumSamariya waphuma ukuzokha amanzi. Awu, kungahle ukuba kwakungenxa yokuthi wayekade ephumile ubusuku bonke noma okuthize, kodwa wavele waphuma ngalesosikhathi.

88 Nendawo encane ebonakala yonke indawo, into efana nalena lapha mhlawumbe, imivini imila ngakuyo. UJesu wambuka lapho Ehlezi ngale encike odongeni, uma wake waba semazweni asempumalanga futhi ubone ukuthi beza kanjani emthonjeni, futhi Wathi, “Sifazane, Ngiphuzise.”

89 Ngani, kwakukhona ukwehlukana ngalezozinsuku phakathi kwamaJuda namaSamariya. Wayesethi, “Ngani, lokho akusilo isiko ukuba umJuda acele into enjalo kumSamariya.” Wathi, “Asidlelani omunye nomunye.”

Futhi Wathi, “Kodwa ukuba bewazi ukuthi Ubani obukhuluma naye, ubuyocela kiMi amanzi, beNgizokulethela aManzi ongezi lapha ukuzowakha.”

90 Ingxoxo yaqhubeka. Manje, nizofanele nithathe izwi lami ngalokhu, uma nithanda: Wayexhumana nomoya wakhe. UBaba waMthumela phezulu lapho; kwakukhona owesifazane, kodwa Wayengazi ukuthi yayiyini inkathazo yakhe. Khona-ke ingxoxo ngokweluleka yaqhubeka ngokukhonza phakathi kwentaba, nabanye eJerusalema. Emva kwesikhashana Wathola lapho inkathazo yakhe yayikhona, Wayesethi, “Hamba, ulande indoda yakho, uze lapha.” Yayilapho-ke inkathazo yakhe.

Wathi, “Mnumzane, anginandoda.”

Wathi, “Kunjalo. Ubunayisihlanu, nale onayo manje ayisiyo indoda yakho. Usho kahle.”

91 Bhekisisani owesifazane, lona akusuye umJuda manje, lona ngumSamariya, waMbuka, futhi wathi, “Mnumzane, ngiyabona ukuthi UngumProfethi. Siyazi lapho uMesiya efika, Uzositshela zonke izinto.”

Wathi, “NginguYe okhuluma nawe.”

92 Bhekisisani ukuthi babebhekeni, babebheke lesosibonakaliso esasiyisibonakaliso sikaMesiya. UJesu wakwenza phambi kweJuda, iJuda leqiniso lathi, "UyiNdodana kaNkulunkulu."

93 Futhi manje, bhekisisani owesifazane ongumSamariya, wathi, "Awu, sibheke uMesiya ukuba afike enze lokhu, kodwa UnguBani na?"

Wathi, "NginguYe okhuluma nawe."

Washiya imbiza yakhe yamanzi wayesegijimela emzini, wayesethi, "Wozani, nibone uMuntu ongitshele izinto engizenzile. Akuyena yini uMesiya Lona na?"

94 Uma lowo kwakunguMesiya, noma, isibonakaliso sikaMesiya izolo, kuzofanele kube yisibonakaliso sikaMesiya namhlanje. Qaphelani, akukaze nakanye lokho kwenziwe phambi koweZizwe, qhabo. Lolu wusuku lwabeZizwe, lokhu ukuphela kwesimiselo sesikhathi sabeZizwe.

95 Angisuye kangako obheka izimiselo zezikhathi, kodwa iBhayibheli likhuluma ngakho, ukuthi abeZizwe sebefike ekupheleni kwabo. Futhi noma ubani o . . . Awudingi ukucosha iBhayibheli, thola iphephandaba nje, vula umsakazo wakho, ungabona ukuthi sisekugcineni kuphi, akukho mathemba ngathi.

96 IBandla liya eKhaya masinya, nezwe lizoba uthuli futhi, khona impela nje uNkulunkulu athi kuyokwenzeka. Uzoliyendezelisa khona phakathi lapho, liphume emkhondweni walo ngaleya ngaselangeni, lizosha ngalesisikhathi njengoba laphuma lisuka emkhondweni ngesinye isikhathi futhi labhujiswa ngamanzi. Sisekupheleni, futhi thina bantu beZizwe sihambahamba nazo zonke iziqu zethu nakho konke, futhi sicabanga ukuthi singumuntu othize, futhi asazi ukuthi izinsuku zethu zibaliwe.

97 Futhi uMesiya, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo ibonakale ebandleni labeZizwe eminyakeni embalwa edlule, iminyaka engamashumi amathathu noma engamashumi amane ekugcwalisweni okukhulu futhi kukaMoya oNgcwele, nemvuselelo eyashanela umhlaba jikelele, futhi eZimemezela esilinganisweni esifanayo, namandla, noMoya Akwenza ngenkathi Elapha emhlabeni, futhi ngokuqhubekayo sinikina amakhanda ethu futhi sisuke sihambe kukho. Yini esele ngaphandle kokwahlulelwa na?

98 Umusa njalo ubiza ngaphambi kokwahlulelwa. Sifanele sibe nomusa unikezwe thina kuqala, futhi uma sidelela umusa, akusekho okusele ngaphandle kokwahlulelwa, sikuletha phezu kwethu uqobo.

99 Lowo kwakunguMesiya izolo. Sibona indawo eyodwa lapho, kwakukhona owesifazane owayesesigejaneni esikhulu

sabantu, emva kokuba Esewele u—ulwandle ebusuku, wamisa iziphepho, kwakukhona owesifazane owayenomopho iminyaka emininganа, futhi wayethe nyelele wehlela ngasogwini lolwandle, ngokuba wathi ngaphakathi kwakhe, "Uma nje ngithinta umphetho wengubo yaKhe, ngizosinda."

(Uxolo, angiqondile ukuniklabalasela. Lokhu, nje ngi, noma ubani okulawulayo . . .)

100 Ba . . . "Thinta umphetho wengubo yaKhe." Wakholwa ngempela. Futhi nangu eza edabula esixukwini, futhi wathinta ingubo yaKhe. Futhi wabuyela emuva waphumela esixukwini sabantu, mhlampe balosayizi.

Futhi ngenkathi ebuyela emuva waphumela esixukwini, uJesu wama wayesethi, "Ubani oNgithintile na?"

Futhi uPetru, eMkhuza, wathi, "Nkosi, awu, wonke umuntu uyaKuthinta."

101 Wathi, "Kodwa Ngiyabona ukuthi Ngibe buthakathaka." Noma iKing James ithi *amandla*, amandla aphuma kuYe okusho "amandla okuqina," futhi kwaMenza buthakathaka. "Ngiyabona ukuthi Ngibe buthakathaka. Amandla aphumile kiMi." Waqalaza. Kwakuyini na? Owesifazane wayethinte uNkulunkulu. Futhi Wabheka waze Wamthola emile noma ehlezi emuva ezethamelini, futhi wamchazela, ukuthi ukukholwa kwakhe kwakumsindisile.

102 Ukuthi uJesu usaphila kulobubusuku, uma Enguye izolo, namuhla, naphakade, noma Unephutha emaZwini aKhe, ekukhulumeni kwaKhe, "Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza."

103 Wena uthi, "Mfowethu Branham, ngabe iTestamente eLisha liyakusho lokho na?"

104 Ngokoqobo, iTestamente eLisha lathi UngumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu. Ubuyokwazi kanjani ukuthi uMthintile uma Engaphendukanga na?

105 Usebenza kanjani na? Ngamagatsha. Njengoba Enza ngoMvini omkhulu ngaleyonkathi, Usebenza ngamagatsha, iBandla laKhe namhlanje, Uneziphiwo eziningi ezinkulu eBandleni Azibeka ngokwenqubo ukuze anakekele lokhu. Impela. Wembula izimfihlo kithi, futhi uqathaza ukuhlakanipha kwaKhe—kwaKhe kithi, esitshela ukuthi asenzeni nokuthi sikwenze kanjani.

106 UNkulunkulu akasiso isimemezelo sohlobo oluthize lwesivumokholo, njengenkolo kaMohamede noma kaBuda, uNkulunkulu unguNkulunkulu ophilayo Ongafile, kodwa uyaphila kulobubusuku, ephila nje njengoba Wayenjalo ngenkathi Ehamba eGalile, njengoba Ephila eBandleni laKhe. Futhi uma Engenzi ngokufanayo, khona-ke unento

engalungile, ngokuba iBhayibheli lathi Unguye, futhi, "Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza."

107 Manje, Mqapheleni kanye futhi, Wedlula ezansi kwesikhulu, kuJohane oNgcwele 5, isahluko esilandelayo, uJohane oNgcwele 5, Wedlula esixukwini esikhulu sabantu, khona impela emva kokuba lesisimangaliso sase senziwe, Izingubo zakhe zigcwele amandla. Wahamba phakathi kwabantu abaningi abaphindeke kaningi, mhlampe, ohlezi lapha kulobubusuku, abantu ababebiziwe, ngiqagele, izinhlanya, ngoba bakholwa ukuthi uNkulunkulu wathumela iNgelosi.

108 Niyabo? UNkulunkulu njalo wayenomthombo ngokuphulukisa ngokukaNkulunkulu, kwedlule yonke iminyaka. Futhi Wathumela iNgelosi kulelichibi, futhi yazamazamisa amanzi. Abantu abaningi babethathwa njengezinhlanya. Osomlando basitshela ukuthi bagwazana bezama ukungena kulawomanzi ngenkathi ezanyazanyiswa.

109 Ngenkathi abantu ababegxeka bathi, "A, ngena lapho, kodwa umoya ushaya udonga futhi uphephetha amanzi ahlehle." Uke wehlele kulo, ichibi lapho, li, indawo endala isekhona lapho. Futhi bathi, "Kungukushintsha nje komoya."

110 Kodwa kulabo abakholwayo, kwakuyiNgelosi. NeBhayibheli likumemezela ukuthi yiNgelosi, ngakho-ke babengenaphutha empeleni. Kodwa babeyongena, owokuqala ngokukholwa, ongenayo wayezothola ukuphulukiswa.

111 Futhi lapho bukani ukuthi iBhayibheli lathini, kwakukhona izinyonga, izimpumputhe, izishosha, abashwabeneyo. Isimo esinjalo sobuntu obukhulukazi, ukuhlupheka! Umama omdala emi lapho, eyimpumputhe, "Ngeke yini omunye angisize ngingene emanzini na? Nginabantwana abancane ekhaya." Nomunye emi nengane enkulu enekhanda elinamanzi, ubabayi omdala emi ekhalela usizo, noJesu wedlula ngqo, futhi Akazange asho-zwi kunoma yimuphi wabo, kodwa Wahamba waze Wathola indoda Ayeyifuna. Niyaliqaphela iBhayibheli na? Lathi, "Ngokuba Wayazi ukuthi wayekade engalendlela isikhathi eside." "Angenzi lutho aze uBaba aNgibonise." Wathola lendoda ilele ohlakeni.

112 Manje, angazi noma nina basenyakatho niyazi ukuthi yini uhlaka noma qha, ngakhuliswa kolulodwa. Bangaki owaziyo ukuthi yini uhlaka na? Awu, nivela kuyiphi ingxenye yeKentucky nonke na? Uhlaka. O, ukulala emnyango emqamelweni omdala wotshani obomile! Angazi noma niyazi ukuthi lokho kuyini noma qha. Umkhaza omdala uhlohliwe ugcwele utshani obomile, futhi ulale ohlakeni.

113 Nalendoda yayikade ilele ohlakeni, yayikade ine ingahle ukuba yayinenkathazo yendlala yesinye, angahle ukuba yayineTB, yayibophekile, yayikade inayo iminyaka engamashumi amathathu-nesishiyagalombili, kwakungeke

kuyibulale. Futhi yayingaphuphuthekile, futhi yayingesiye ongenalusizo, yathi, "Lapho ngiza emanzini, omunye uyangedlula lapho, omunye angagijima ngejubane kunami. Futhi kade ngilapho yonke leminyaka." Yayikwazi ukuhamba, yayikwazi ukubona, yayikwazi ukukhuluma, yayikwazi ukudla. Kodwa kuyamangaza ukuthi iNdodana kaNkulunkulu yahamba yazungeza bonke labobantu futhi yaya kuye. O, Yayithobeke kakhulu kuBaba ukuthi "Angenzi lutho ngokwaMi."

Qaphelani, futhi njengoba Yasho kulomuntu, "Uyathanda ukusinda na?"

Wathi, "Anginamuntu ozongisiza ngiye emanzini."

Yathi, "Thabatha uhlaka lwakho ungene endlini yakho."

114 Ivesi 19 Yabuzwa, futhi nansi impendulo yeNdodana kaNkulunkulu kulawomaJuda: "Ngiqinisile, ngiqinisile, Ngithi kini, iNdodana ingenze lutho ngokwaYo, kuphela lokho Ebona uYise ekwenza, lokho iNdodana iyakwenza kanjalo." Ngabe kunjalo na? "Ngingenze lutho ngokwaMi aze uBaba aNgibonise. UBaba uyasebenza, naMi ngiyasebenza kuze kube manje." Niyabo? UJesu akazange enze nesisodwa isimangaliso ngaphandle kukaNkulunkulu kuqala eMkhombisa, noma Washo into eyiphutha, futhi Akukho ayengakusho okuyiphutha, ngoba WayenguNkulunkulu.

115 Futhi ngakho-ke, uJesu washo lezizinto: "Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza. Kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona, nokho niyakuNgibona nina, ngokuba Ngizoba nani," Futhi *Ngi*, futhi yisabizwana, noma, isabizwana somuntu lapho, kodwa, "ba nani," endaweni eyodwa Wathi, "ngisho nakini kuze kube sekupheleni kwezwe." Manje-ke uma uKristu esefikile, uma isikhathi . . .

116 Wena uthi, "Mfowethu Branham, onyakeni wonke na?"

Kunjalo. Akukho-ndawo okuthola khona emlandweni kusukela ezinsukwini zabaphostoli. Ngani na? Lokhu ukusongwa kokugcina koMlayezo kwabeZizwe.

117 Sibe nenguquko ngoLuther, futhi kwehle njalo onyakeni weMethodisti, futhi kwedlule onyakeni weBaptisti, nasonyakeni wamaPentecostal, futhi sekuthi akuhambe manje, futhi. Ngakho ngukuphela konyaka, noKristu wethembisa ukukwenza. Futhi uma Engeke akwenze, khona-ke Ubenzele okuthile Angeke asenzela khona.

118 Njengoba bengihlale ngisho, uma lesisizukulwane sabantu, uma leMelika ezidlayo, njengoba sonke siyizakhamizi, uma iMelika iphunyuka ekwahlulelweni kukaNkulunkulu, Uzofanele avuse iSodoma neGomora futhi axolise kubo, kunjalo, ngokubashisa nya. UnguNkulunkulu olungileyo, UnguNkulunkulu oqotho, futhi Usebenzana nabantwana baKhe

bonke ngokufanayo, ngokuba bonke bayizidalwa zokudaliweyo kwaKhe.

119 Futhi nakhu ekupheleni konyaka wabeZizwe, sisekupheleni, uKristu ezibonakalisa Yena uqobo njengoba nje Enza ngaleyonkathi, efakazisa ukuthi uyaphila, efakazisa ukuthi Akafile, kodwa Uphila kuze kube phakade ukuba Azibonakalise ezitsheni Angasebenza ngazo.

120 Akunandaba ukuthi Ubeyokwenzani lapha emsamo, uma amehlo enu ephuphuthekile kukho, uma Ubeyovusa abafileyo kulomsamo, futhi ubungenayo inhliziyo evulekile kukho, ubungeke ukukholwe, ubuyothola indlela yokuphunyuka, ubuyothi, "O, awu," njengamaJuda nje emuva lapho, "o, kuwuhlobo oluthile lweqhinga, noma ngukufunda ingqondo, noma mhlawumbe ngokhonza imimoya yabangasekho, noma into efana naleyo." Yilokho abakusho.

121 Aniboni na? UNkulunkulu uthatha umuntu waKhe, kodwa neze uMoya waKhe. UMoya wawuphezu kuka-Eliya, ufika phezu kuka-Elisha, phezu kukaJohane umBhaphathizi. Futhi izikhathi eziningi leyomiMoya yeNkosi ayaziwa kuze kuthi lowo onayo usehambile. Senake nacabanga ngalokho na? UNkulunkulu ulungile.

122 Ake sithathe umzuzu nje, sithathe abaprofethi ezinsukwini ezedlulayo, abakuqondanga. Nakini bantu lapha kulobubusuku: Qondani! O Nkulunkulu, vulani amehlo enu okuqonda. Sisesikhathini sokuphela. Babengazi ukuthi uJohane umBhaphathizi wayengubani waze wafa futhi wembelwa. Ngisho nabafundi bathi, "Kungani abaprofethi bethi u-Eliya wokuqala ufanele afike na?"

UJesu wathi, "Usevele ufikile futhi animazanga." Khona-ke bazi ukuthi Wayekhuluma ngoJohane.

123 Babengazi ukuthi uJesu wayenguBani waze Wafa, wembelwa, waphinda wavuka futhi, ngaphambi kokuba bazi ukuthi WayenguBani. Babengazi ukuthi uPatrick oNgcwele wayengubani, waze wafa futhi wembelwa iminyaka engamakhulu amabili, cishe, kanjalo noFrancis oNgcwele wase-Assisi.

124 Nani bantu abangamaKatolika, naningazi ukuthi uJoan ka-Arc wayengubani, lowo wesifazane omncane owabona imibono futhi wayengowesifazane kamoya. Ibandla eliKatolika lamshisela esigxotsheni njengomthakathikazi. Futhi eminyakeni engamakhulu amabili kamuva, noma, iminyaka kamuva, bamumba . . . bamba imizimba yalabo bapristi base bebaphosa emfuleni ukwenza ukuzihlawulisa emva kokuba sebeqondile ukuthi wayengongcwele.

125 NoMoya kaNkulunkulu ophilayo uhamba phezu komhlaba wonke namhlanje, nabantu abazi ukuthi Uyini. Kodwa uNkulunkulu ulungile, Uthumela uMoya waKhe ukumemezela

okuthile. Sihlezi siyisitashi futhi siqinise izinhliziyo zethu, singanaki, khona-ke yini esisalele ngaphandle kokwahlulelwa na? UKristu ungaphansi kwesibopho eZwini laKhe, kodwa akungaphezu kweZwi laKhe, Ubophezelekile eZwini laKhe.

126 Manje, ngibona isikhathi siyabaleka, hhayi isikhathi eside kakhulu ubusuku ngabunye. Ngingathanda ukunibuza okuthize: Phezu kwezisekelo zeZwi likaNkulunkulu, siyaqonda ukuthi uKristu Wazazisa kumaJuda ngokutshela uNathanayeli ukuthi wayekuphi ngaphambi kokuba eze emhlanganweni, ngabe kunjalo na? Wazazisa Yena uqobo kumaJuda ezinye izindlela eziningi, ngabo bethinta ingubo yaKhe, nokunye nokunye, njalo kokungaphezu kwemvelo, kodwa okungaphezu kwemvelo kuhlala njalo kuneZwi.

127 Ngiyaqonda ukuthi ngimi emsamo lapha kulobubusuku, nezifundiswa ezimbili zangempela emva kwami engazi ngazo, ezintathu zazo, futhi ngiqagele kukhona ezingaphezu kwalokho phandle lapho, kodwa ngifuna ukunibuza okuthize. ETestamenteni eLidala babenendlela yokwazi ukuthi umprofethi wayekhuluma iqiniso noma qha, noma umphuphi, lokho kwakukwi-Urimi neThumimi, futhi sikholwa ukuthi leso kwakuyisivikelo sesifuba sika-Aroni.

128 Futhi ngenkathi umprofethi wayeprofetha, uma lezozibumbatha zalezozinkanyiso zisebenza ndawonye futhi zenza lokho okukhulu, ukuKhanya okukhazimulayo, umprofethi wayekhuluma iqiniso; uma kungasebenzanga, khona-ke umprofethi wayengakhulumi iqiniso.

129 Manje, lobobupristi banqamuka, nobupristi buka-Aroni abusekho, sinobupristi obusha, sine-Urimi neThumimi entsha, lelo yiZwi likaNkulunkulu. Uma umuntu ekhuluma iqiniso, iziNkanyiso emandleni eZwi likaNkulunkulu zizokubonisa ukuthi kuyiqiniso.

130 Futhi kwakunjani na? Kwakungukubonisa okungaphezu kwemvelo. Indoda ibiyokhuluma kanjani yenza lawo, onke lawomatshe ehlukene athumele lowombala wothingo lwenkosazana na? Bekuyokwenza kanjani na? Kuphela lapho umprofethi wayeprofetha; uma wayenamanga, kwakuyohlala kuthule, amazwi akhe awabuyanga; Kodwa uma wayeqinisile, i, kwaqonda futhi kwathumela isibonakaliso esingaphezu kwemvelo ukuthi abantu bayokwazi ukuthi umprofethi wayekhuluma iqiniso.

131 Uma iZwi likaNkulunkulu liprofetha into ethize, noNkulunkulu uthatha okungaphezu kwemvelo futhi afakazise ukuthi kuyiqiniso, Liyi-Urimi neThumimi, abantu. Isikhathi sokukwemukela futhi sikholwe nguNkulunkulu.

132 Manje, uma Ezofika kulobubusuku, angisho ukuthi Uzokwenza, uma Efika futhi enze, futhi aphile, futhi enze,

futhi wenza into efanayo esikukhulumile ngaYe, nizokholwa ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade na?

133 Bangaki phakathi lapha ozovele uphakamise isandla sakho, uthi, "Mfowethu Branham, kungahle kungidide, kodwa ngizokwazi ukuthi kuyiqiniso uma Ekwenza, ngoba iZwi lisho njalo." Ubungakwenza na? Phakamisa isandla sakho nje futhi ukusho na? Kuhle kakhulu! Lokho kuhle. Ngiyabonga ngokunaka kwenu.

134 Manje, manje niyabona lapho engimi khona na? KukuNkulunkulu ukwenza ngokulandelayo. Uma kungenzeki, khona-ke iZwi limemezela into engenjalo, futhi ngifunyanwe ngingufakazi wamanga wezwi lamanga. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

135 Kodwa, o, ngaphambi kwengxenye yesigidi ngesikhathi ngiMbonile enza into efanayo. Ngakwenza ngesinye isikhathi e-Afrika, ngabona abahedeni abaluhlaza cwe abayizinkulungwane ezingamashumi amathathu bephula izithixo zabo emhlabathini, bemukela uKristu njengoMsindisi, izinkulungwane ezingamashumi amathathu ukubizela e-altare okukodwa—okukodwa—okukodwa, izinkulungwane ezingamashumi amathathu, abafakwe izigqebhezane, abahedeni abaluhlaza cwe nezithixo ezandleni zabo.

136 Thina maMelika, sithi, "Awu, lokho bekungaba yinto engalungile. Angazi nje noma uDkt. Philip Jones, noma yini, niyazi, niyazi uyangitshela ukuthi kunenqwaba yokufunda ingqondo."

137 O, mngani vula inhliziyo yakho, khuleka futhi uthi, "Nkulunkulu," wena phandle lapho emhlanganweni, uthi, "Nkulunkulu, ngivakashele, ngazise, Nkosi, mangithokozele umusa waKho ngalolusuku lokugcina." Ngokuba sisesikhathini sokuphela. Isandla esilobayo sisodongeni, qhabo, sisesibhakabhakeni nesiputniki, niyabo. Si—siyazi ukuthi izwe liqhaqhazela ngempela manje, futhi noma yini ingenzeka. Futhi wathini uJesu na? "Kuzoba khona izibonakaliso emazulwini nasemhlabeni," uJesu wathi, "lapho iNdodana yomuntu izembula Yona uqobo." Manje Inesihawu eBandleni, nasekwahlulelweni ezweni ngokuYenqaba.

Manje asikhuleke.

138 Nkosi Jesu, ngandlela thize ngi—ngibheke phambili, Nkosi, entweni ethize yangempela kulobubusuku. O, kuzoba yinto emangalisayo kakhulu lapha kulobubusuku uma Ubungazisombulula Wena uqobo, Nkosi, kulababantu futhi zonke izinhliziyo beziyovuleka.

139 Futhi mabazi, Nkosi, ukuthi inceku yaKho, empofu kakhulu, futhi angifanelekile kakhulu emsebenzini, kodwa, Nkosi, ubani ofanelekile na? Yisiphi isidalwa esifayo ebesiyobakhona, yisiphi isidalwa sesikhathi na? Kodwa, Nkosi, ku—bekungeke

kube yithi, bekuyoba nguMoya oNgcwele ukwenza lezozinto, ukubonakalisa.

140 Manje, Nkosi, baningi abahlezi lapha kulobubusuku kulelibandla, behlezi, ngimi lapha kulelipulpiti lapho amadoda amakhulu eshumayele khona, namaphimbo amakhulu athwalwe ngalamamayikrofoni, amaningi abikezele lamahora okuFika kwaKhe.

141 Futhi ngiyakhuleka, Nkosi, ukuthi Uzothumela uJesu kulobubusuku ngokuthululwa okukhulu kakhulu ukuthi akuzukubakho noyedwa umuntu obuthakathaka osele phakathi kwethu, izoni zingafika kuKristu, nalabo abakhubazekile bangahamba, nezimpumputhe zibone, nabagulayo baphulukiswe ukuthi kusasa lonke lelidolobha lizoba yindawo enkulu yobufakazi, ukuze iNdodana kaNkulunkulu yembulwe kubo ngalolusuku. Siphe khona, Nkosi.

142 Sibusise ndawonye. Vala konke ukungakholwa manje, xosha yonke into ephambene, phula umoya wesitha, futhi uthole udumo kuWe uqobo. Ngokuba siyakucela, eGameni leNkosi uJesu. Amen.

143 Usuku ngalunye be—behla ukuze nje bathole omunye lapha phambi kwami, ukuba kuqalwe. Manje, Akakaze angehlulekise. Angahle angakwenzi kulobubusuku, angazi, ngoba yisiphiwo nje. Futhi bangaki okholwayo ukuthi iziphiwo nokubizwa kungaphandle kokuphenduka na? Niyakukholwa lokho na?

144 Ngabe iBhayibheli liyasho yini eBandleni ukuthi kuqala ngabaphostoli, abaprofethi, abavangeli, abafundisi, abelusi na? Bangaki owaziyo ukuthi kuneziphiwo ezinhlanu zokukhonza na? Impela zikhona. Umphostoli, umprofethi, umvangeli, umfundisi, nomelusi, uNkulunkulu wabeka lezi.

145 Khona-ke kukhona—kukhona iziphiwo zokomoya eziyisishiyagalolunye ezingena emzimbeni, njengokukhuluma ngezilimi, ukuhunyushwa kolimi, nokuhlakanipha, no—nokwehlukile, iziphiwo zokomoya eziyisishiyagalolunye, kwabaseKorinte bokuQala 12 lapho lokho kuhlela iziphiwo eziyisishiyagalolunye. Zingahle zibe ku*lo*muntu kulobubusuku, naku*lowo* kusasa ebusuku, na*lowo* ngobusuku obulandelayo, nakuyo yonke indlu; lokho nje kungokomzimba wendawo.

146 Kodwa uNkulunkulu ngokunquma ngaphambili (Asifuni ukubiza igama elithi *ukumiselwa ngaphambili*, yigama elibi ukulisebenzisa phambi kwabantu.), kodwa uNkulunkulu, ngokwazi ngaphambili angamisela ngaphambili, uNkulunkulu ungongenasiphelo. Niyakukholwa lokho na? Futhi Wayazi yonke into eyayizoba semhlabeni ngaphambi kokuba Ayidale. Niyakukholwa lokho na? Uma Engakwenzanga, Wayengenakukusho ukuphela kusukela ekuqaleni.

147 Wazi izinto zonke. Ngakho-ke Wayengathanda uJakobe futhi azonde u-Esawu ngaphambi kokuba omunye azalwe. Akathandi ukuba kubhubhe namunye. Qhabo, mnumzane. Kodwa ukwazi kwaKhe ngaphambili kwaMazisa ukuthi bayobhubha, noma kanjani, ukuze Akwazi ukumisela ngaphambili yonke into ukuba isebenzele inkazimulo yaKhe.

148 Manje, ukuletha abantu lapha kimi, phezulu lapha kulobubusuku ukubona uma umugqa womkhuleko uqala, ubusuku ngabunye. . . Manje sibe ne. . . sikhiphe amakhadi omkhuleko, ikhadi lomkhuleko, yikhadi elincane elinenombolo kulo, lokho ukuthola abantu bashaye umugqa.

149 Kuqala, ngenkathi ngiqala ukuqala enkonzweni. . . Bangaki okhumbulayo eminyakeni eyedlula ngenkathi ngiqala ukuqala, cishe eminyakeni eyishumi edlule na? Ubengabakhona noma ubani lapha na? Awu, bukani izandla. Kulungile. Indlela engangibona ngayo abantu ngaleyonkathi kwakungukubabamba ngesandla, ngisibambe nje kuze kukhulume iNto ethize kimi ukuba isho. . . Bangaki okwaziyo lokho na?

150 Bangaki owaziyo ukuthi ngithe Wangitshela ukuthi ngiyokwazi ngisho izimfihlo zenhliziyo yabo uma ngiyobaqotho na? Nina bantu abafanayo phakamisani isandla senu uma lokho kwashiwo. Manje, ningahle ukuba anikaze nikubone. Kodwa lalelani, kukhona omunye umnyakazo ozayo manje, ozoba khona, wedlula lokhu. Manje, ngikholwa ukuthi kuzokwenzeka masinya. Manje, iBandla likaNkulunkulu lilokhu lenyuka. “Lapho isitha singena njengozamcolo, uMoya kaNkulunkulu uphakamisa ibhanela ngokumelene naso.” Kunjalo.

151 Manje, ungabheki izibonakaliso ukuba ukholwe. Manje, sasivame uku, besingeke. . . Niyakhumbula ngenkathi nga—ngangingenawo amakhadi omkhuleko na? Bengiyothi nje, “Kulungile. Nonke enifuna ukukhulekelwa sukumani.” Futhi, o, he, babe nezimpi zezibhakela nakho konke okunye, futhi bashayane balahlane phansi, futhi badudulane. Ubungeke ukwenze lokho.

152 NoMfowethu Bosworth osanda kuya ekhaya nje eNkazimulweni. . . Bangaki abebazi u F. F. Bosworth na? Ongcwele omkhulu kunabo bonke wosuku njengoba ngazi. Waya eKhaya ukuyohlangana noJesu ngolunye usuku, le eminyakeni yakhe engamashumi ayisishiyagalombili, useKhaya kulobubusuku. Ngaphambi kokuba afe, cishe ihora, wangena ekuqulekeni, futhi wasukuma, waqala ukuxhawulana nabantu ashumayela kubo eminyakeni eyedlula abangasekho. Ethokoza nje futhi edumisa uNkulunkulu, ethi, “Sekuyiminyaka ngingakuboni.”

Izimpilo zabantu abakhulu zonke ziyasikhumbuza

Singenza izimpilo zethu ziqhakaze,
Ngokuhlukana, sishiya ngemuva kwethu,
Amanyathelo ezihlabathini zesikhathi.

153 Kunjalo. Yebo. Ukuphela kwami makube njalo.

154 Manje qaphelani, wathi kimi, wathi, "Mfowethu Branham, u—u—ukwenza njengenkundla yezemidlalo evalekile." Wathi, "Ungakwenzi lokho." Wathi, "Yonke inkonzo yami ngikhiphe amakhadi omkhuleko, ngibenze beze futhi ngibavumele bame kathathu ngaphambi kokuba ngize ngibakhulekele, imihlangano emithathu yeziyalo."

155 "Awu," ngathi, "sizokwenza lokho nje." Sashicilela amakhadi angamakhulu ambalwa, ngathi, "Sizokwehlela lapho." Futhi into yokuqala niyazi, sinomuntu ezansi lapho owayenikezela ngamakhadi omkhuleko, futhi ewathengisa, ngakho ngadingeka ngikuyeke lokho.

156 Ngakho-ke ngathi, "Awu, ngizothumela nje kubelusi, ngamunye, amakhadi omkhuleko *amaningi kangaka*, obambisanayo." Awu, umelusi wokuqala wangenisa iqembu lakhe, nalokho kwakuxazulula, kwakukhona imizwa el'khuni phakathi kwabelusi. Ngangingenakukwenza lokho.

157 Ngakho ngathi, "Awu, ngizonitshela ukuthini, sizokwehla nje futhi—futhi sikhiphe amakhadi omkhuleko. Futhi khona-ke ngizothola omunye. . . " Nginomfowethu ukuba ahambe nami, engangazi ukuthi ubengeke akwenze lokho. Ngakho ngathumela umfowethu ezansi, wayekhipha amakhadi omkhuleko, futhi bafika endaweni bathola ukuthi, awu, bengingeke ngidlule mhlawumbe eshumini, ishumi-nanhlanu, hhayi ngaphezu kwamashumi amabili-nanhlanu, uma ikhadi labo lihambe ngaphezu kwalokho, bebeyovele nje baliphonse kwiphansi lendlu, "Angilifuni, angisoze ngabizwa." Niyabo?

158 Awu, ngase ngithi, "Ngizonitshela ukuthi ngizokwenzani, ngizothumela amakhadi omkhuleko ezansi futhi nginikeze yonke into ngobusuku obubodwa, futhi ngizobabiza kulokho." Bese-ke abantu bengena ngobusuku besibili, bengakaze babe nethuba lokuba semsamo. Niyabo, lokho bekungeke kusebenze. O, sibe nesikhathi ngakho!

159 Ngase ngithi-ke, "Ngizonitshela ukuthi sizokwenzani, sizovele sikhiphe amakhadi omkhuleko," sadingeka sibe namakhadi omkhuleko, ngathi, "sizoba nentombazanyana ethize noma umfana omncane ehlezi esihlalweni esingaphambili ukuba ame lapha futhi aqale ukubala, lapho umfana ema khona ukubala, noma intombazane, yilapho impela esizoqala khona." Kuxakile njengoba kwakunjalo, umama wayenojunior ukuba ame ngqo enombolweni yakhe, niyazi, ngakho lokho—lokho akusebenzanga nje.

160 Ngakho, ngangingazi ukuthi ngenzeni. Ngakho, ngobunye ubusuku ngiwelela eCanada, iNkosi yanginika umbono, futhi

yathi, "Yehla futhi ukhiphe amakhadi omkhuleko nsuku zonke, nsuku zonke. Bese kuthi-ke lapho u . . ." ngalobobusuku, abafana ababewakhipha . . . Kungaba abafowethu bobabili lapha ababengawakhipha, uLeo, uGene, noma uBilly Paul, umfana wami, noma yimuphi wabo ukhipha amakhadi omkhuleko.

161 Bese kuthi-ke behlisa amakhadi omkhuleko futhi bawathathe kanje phambi kwenu, futhi bawaxube onke ndawonye, bahambe baphumele ngqo ezethamelini, *wena* ufuna elilodwa, *wena* ufuna elilodwa, yilokho kuphela nje . . . noma ubani owafunayo angaba nawo aze akhishwe. *Wena* ungahle uthole inombolo yokuqala, futhi *wena* uyothola amashumi amahlanu. Bese kuthi-ke lapho ngingena ngingahle ngiqale emashumini amahlanu, ngingahle ngiqale eshumini, ngingahle . . . Niyabo, akekho owaziyo ukuthi bazoqala kuphi, nami angazi. Ngakho i . . .

162 Ubungawakhipha ntambama ngoba a—amakhadi awashintsheki, futhi bafanele bame ukuba bezwe umhlangano weziyalo, ngakho uzoyalwa ngokuthi kwemukelwa kanjani ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu ngaphambi kokuba ubanike ikhadi. Bese kuthi-ke abafana balapho ukuba bakhiphe amakhadi.

163 Bese kuthi-ke ngingahle ngiqale kusukela kwelesihlanu, futhi ngigijime kusukela kwelesihlanu kuya kweleshumi. Bese kuthi-ke ngobusuku obulandelayo ngiyoqala kusukela emashumini ayisishiyagalolunye-nanhlanu bese ngibuya ngalendlela, noma yikuphi nje, noma yikuphi lapho kufika khona emqondweni wami lapho ngimi lapha. Lokho nje kukukho konke, kunjalo.

164 Manje, into kuphela okuyenzayo ngukuthola abantu lapha, abambalwa beshaye umugqa, lokho akuhlangene ngalutho nakho uma bezophulukiswa, akukho lutho. Kuphela kuthola uMoya unyakaza, kukhipha ukungabaza esakhiweni.

165 Khona-ke uMoya oNgcwele uqhubeka ngqo uphume emhlanganweni uye kubantu nomaphi, lapho bengahle babe khona, ubabize khona lapho njengoba nje . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

166 Thinta ingubo yaKhe nje, futhi ubone ukuthi Akakusho yini. Niyabo? Yileyondlela. Niyabo?

167 Futhi noma ubani oke waba semihlanganweni yami kamuva uyazi ukuthi kukhona—kukhona ishumi koyedwa ophulukisiwe ezethamelini futhi wabizwa kulowo osemsamo. Noma ubani obesemihlanganweni yami yakamuva, phakamisa isandla sakho uma wazi ukuthi lokho kuqinisile. Impela. Niyabo? Ishumi koyedwa.

168 Ikhadi lomkhuleko alihlangene ngalutho nokuphulukiswa kwakho, ikhadi lakho lomkhuleko alisho neyodwa into. Lisho

nje ukuba wena u . . . Ubizelwe phezulu lapha nje uku . . . Yini ekwenzayo na? Angisebenzisi isiphiwo, ukukholwa kwakho kuyakwenza lokho. Niyabo?

169 UJesu, WayeyiNdodana kaNkulunkulu, kodwa lowo wesifazane . . . Wayengazi ukuthi ubani oMthintile, Wathi Wayengazi. Ngabe kunjalo na? Wenzani owesifazane na? Wakusebenzisa lokho. Niyabo, ngukukholwa kwakho—kwakho esiphiweni sobuNkulunkulu. Uyakholwa . . . ? Yindlela yakho yokusondela kukho. Uyakukholwa lokho na?

170 Kuthiwani ngalelososha elingumRoma elabeka indwangu phezu kwamehlo aKhe, futhi laMshaya ekhanda ngenduku na? Lathi, "Manje, wena oprofethayo, sitshele ukuthi ubani okushayile." Akazange ezwe-mandla, kwakungekho neyodwa into eyamtshelayo. Lisekuhlushweni kulobubusuku, ngiyacabanga, ngesimo sokuziphatha esinjalo.

171 Bukani uMarta, ngenkathi eyolanda . . . kuJesu, futhi uza kuYe, wathi . . . Wayehambile futhi wamshiya ngenkathi besenkathazweni noLazaru wayesefile. Kodwa nibonile na? Nanto udaba, uBaba wayesevele eMtshelile ukuthi akenzeni.

172 Wathi, "Ngiyajabula ukuthi beNgingekho lapho." Wathi, "Usefe izinsuku ezine." Lokho uBaba ayeMtshele khona. Wathi Akenzanga lutho uBaba waze waMtshela. Ethuneni Wathi, "Ngicabanga Wena, Baba, Usuvele uNgizwile, kodwa Ngikusholo laba abami eduze." Niyabo? Akazange athi Waba buthakathaka lapho, Wakusho na? Qhabo.

173 Kwakukukhulu kangakanani lokho kunokuba kwakungowesifazane owathinta ingubo yaKhe na? Kodwa yilapho uNkulunkulu wayesebenzisa khona isiphiwo saKhe. Niyabo? Lokhu kwakungenkathi owesifazane esebenzisa isiphiwo saKhe. Nje ku . . . Ukukholwa kwakho—kwakho kuyakwenza. Ku . . . A—angibange ngisakwazi ukukumisa, noma ngingabe ngisakuveza kunalutho, ngukukholwa kwakho uqobo kukho.

174 Uma ungakholwa ukuthi lokho kunjalo, bheka nje kuNkulunkulu, ungabi nokwethuka, bheka nje kuNkulunkulu bese uthi, "Nkosi Nkulunkulu, ngiyakukholwa lokho, ngesizotha, ngayo yonke inhliziyo yami ukuthi yiqiniso, futhi ngidinga into *ethize* ne*thize*." Bhekisisani ukuthi Uzokwenzani.

175 Lelo yigama elikhulu ukulisho lapha, akunjalo na? Kunjalo. "Kodwa ngiyamazi engiMkholiwe, ngikholisekile ukuthi Uyakwazi ukugcina lokho okwenziwe." Uma uNkulunkulu esho noma yini, uNkulunkulu uyaligcina iZwi laKhe. Futhi Unguye izolo, namuhla, naphakade. Ngiyaqhubeka emateyipini, kanjalonjalo, njengalokho, kodwa ngisho lokhu, ukuthi isimo sengqondo esifanele ngakunoma yisiphi isithembiso sobuNkulunkulu sikaNkulunkulu sizosifezekisa. Khumbulani lokho: Uma uthatha isimo sokuziphatha sengqondo esifanele

ngakukho, isithembiso, sizokufezekisa. Kwangathi iNkosi ingasipha khona.

176 (Manje, uwakhiphile na? Kulungile.) U-J, elokuqala kuya ekhulwini. Asikwazi ukubashayisa umugqa bonke, singashayisa umugqa abambalwa babo. Ubani ono-J, elokuqala na? Ikhadi lomkhuleko u-J, elokuqala. Inenekazi khona lapho na? Woza ngapha, nenekazi. Elesibili, elesibili, ubungasiphakamisa isandla sakho na? Ngiyabonga.

177 Elesithathu. Yehlela lapha ngqo ngakuloluhlangothi, uma uthanda. Elesine. Ngabe ngumnumzane ohloniphekile emuva lapho na? Elesihlanu, ubani onelesihlanu na? Nenekazi. Elesithupha. Bheka ekhadini lakho nje. Unalo elesithupha, nenekazi na? Inenekazi liza lapha nengubo ebubende, elesithupha? Elesihlanu.

178 Elesithupha. Ngabe ukhona onelesithupha na? Ungasiphakamisa isandla sakho na? Elokuqala, elesibili, elesithathu, elesine, elesihlanu. Ikhadi lomkhuleko lesithupha. Kungahle kube ngomunye. . . Nanti inenekazi lapha esihlalweni esinamasondo, intombazanyana, hlola ikhadi layo lapho bese ubona uma lelo—uma lelo kuyilo. Elesithupha, J, elesithupha. Kulungile. Ngabe kulapha na? Ungasiphakamisa isandla sakho na?

179 Omunye mhlawumbe o. . . Buka umakhelwane wakho, mhlawumbe omunye uyisithulu futhi akakwazi ukuzwa, bazoligeja ikhadi labo, buka ikhadi likamakhelwane wakho. Mangaki amakhadi omkhuleko esakhiweni na? Phakamisa isandla sakho. Bekufanele kube amashumi amahlanu, noma okuthize. Kulungile.

180 Bangaki ophakathi lapha ongenalo ikhadi lomkhuleko futhi ofuna uNkulunkulu aphulukise na? Phakamisa isandla sakho. Kuso sonke isakhiwo nje, akunandaba ukuthi ungubani, ukuthi ukuphi. Niyabo? Nakho lapho okhona. Niyabo? Ubani o—ubani ozoba ngowokuqala manje na? Niyabo, ubungeke ukwenze. Cishe amaphesente angamashumi ayisishiyagalombili esixuku lapha afuna ukukhulekelwa.

181 Kulungile. Elokuqala, elesibili, elesithathu, elesine, elesihlanu. Elesithupha, ikhadi lomkhuleko lesithupha. Buka umakhelwane wakho lapho futhi ubone ukuthi ungumuntu oyisithulu yini, ubone ukuthi ngabe ngumuntu ongakwazi yini ukuhamba. Uma kunjalo, thola nje umuntu othize ozobavusa, futhi uthole umngenisi, futhi eze abathwale lapha. Elesithupha.

182 Kulungile. Elesikhombisa. Ungowesikhombisa, nenekazi na? Elesikhombisa, elesishiyagalombili, elesishiyagalombili, elesishiyagalolunye, eleshumi, eleshumi-nanye. Ingabe ungoweshumi-nanye na? Eleshumi, eleshumi-nanye, emuva lapho. Eleshumi-nambili. Ishumi-nambili, ngabe ngisibonile isandla na? Kulungile. Ishumi-nantathu, ishumi-nane.

Basesakhiweni sonke nje, noma yikuphi nje. Bavele nje... Abafana bavele bawanikeze noma ubani owafunayo aze aphele. Banikeze ambalwa *lapha*, nambalwa *lapho*, nasezindaweni zonke, ukuze sonke singaminyani futhi siphuthume ngasendaweni eyodwa.

183 Kulungile. Ngicabanga ukuthi sesifike cishe eshumini nanhlanu noma okuthize manje, lapho. Bangaki lowo, cishe ishumi-nanhlanu, bafowethu na? Ishumi-nanhlanu? Kulungile. Asiqale umugqa womkhuleko futhi nje, futhi sibone uma si... Kulungile. Manje, umzuzwana nje, sizobona ukuthi laba beza kanjani, khona-ke...

184 Manje, bangaki phakathi lapha ongenalo ikhadi lomkhuleko na? Futhi uthi, nje—nje yisho lokhu kuYe: "Nkosi, ngiyaKukholwa kulobubusuku, futhi ngizobeka ukukholwa kwami kuWe. Ngiyayazi leyondoda emi lapho, a—angeke ingenzele lutho, kodwa uma ichaze iqiniso lokuthi UseBandleni laKho, ibiyoba yilunga leBandla." Njengoba ninjalo nje. Niyabo? Singabafowethu nodadewethu, ilunga nje leBandla. NoMoya oNgcwele usithanda sonke ngokufanayo nje. Niyabo? Futhi wena uthi, "Ngizobeka ukukholwa kwami okunesizotha kuWe, Nkosi, futhi Wena vumela indoda iphenduke futhi ingibize futhi ingitshele ukuthi ngikhuleka mayelana nani, ingitshele ukuthi yini, into ethize njengoba yenza e...njengoba yenza eBhayibhelini."

185 Ningaziphakamisa izandla zenu na? Wena ofuna lokho kwenzeke kuwe, phakamisa isandla sakho, vele usiphakamise kakhulu, futhi ukholwe ngakho konke...? Ayikho indlela yokwazi, kukuyo yonke indawo nje. Kulungile. Kholwa nje manje, kholwa nje. Uma ungenalo ikhadi lomkhuleko, kusobala ungeke ubizwe, kodwa uma unekhadi lomkhuleko, asazi nje ukuthi kuzokwenzekani. Manje, manje nasi—nasi isikhathi.

186 Ngifuna ukusho kini nonke, khumbulani izinkonzo kusasa ntambama. Bangaki lapha abangakaze babe komunye wemihlangano yami na? Ake sibone izandla zenu, ongakaze abe kuyo. Bukani lapha nje. Kulungile, futhi konke kuphumele egumbini elengeziwe laphaya. Kulungile.

187 Njengoba nginitshela, angisuye umshumayeli, njengeZwi, ongaLiphatha, njengomelusi wenu nalamadoda lapha. Niyabo? Kodwa ngingahle ngingayazi iNcwadi kahle kakhulu, kodwa ngimazi kahle kakhulu uMqambi. Yilokho—yilokho kuphela. NgiyaMazi. Kodwa manje, nakhu lapho isikhathi engikushilo.

188 Bangaki okholwayo ukuthi engikushilo kulobubusuku kuyiqiniso, lelo yi—lelo yiZwi, lelo yiZwi na? Awu, ngiyabonga. Ugcina umoya onjalo futhi uzobona izinto ezinkulu kulobubusuku obuthathu, ngokuqinisekile uzobona.

189 Manje, bangaki kini abake basibona isithombe saleyoNgelosi na? Ake sibone. Basithatha ezansi eTexas.

Abafana . . . Ngabe nonke ninazo lezozithombe lapha kanye nani na? Niyabo? Uma ngifa kulobubusuku, ubufakazi busalokhu bulungile. Ngizonixoxela khona kusasa ngesinye isikhathi uma ngingakwazi. Niyabo, niyabo? Kungu—KungukuKhanya.

190 Bangaki owaziyo ukuthi abantwana bakwa-Israyeli balandela iNsika yoMlilo na? Impela bakwenza. Bangaki owaziyo ukuthi iNsika yoMlilo kwakunguKristu, iZwi-mcabango, iNgelosi yesiVumelwano na? Impela. Impela. Kulungile. Bangaki owaziyo ngenkathi Elapha emhlabeni, Wathi, "Ngivela kuNkulunkulu, futhi ngiya kuNkulunkulu"? Bangaki okwaziyo lokho na?

191 Bangaki owaziyo ngenkathi Ehlangana noPawulu esendleleni ebheke eDamaseku, Wayesebuyele eNsikeni yoMlilo futhi wayesekhipha amehlo kaPawulu na? Niyabo? Kulungile. Khona-ke Unguye izolo, namuhla, naphakade.

192 Manje, uma lowoMoya, engizama ukuwutshela ibandla . . . Ngenkathi ngiseyingane encane, enezinyanga eziyishumi-nesishiyagalombili ubudala, kunjalo, ngenkathi ngiqala ukukhuluma, into yokuqala engiyikhumbulayo nje umbono. Sekube ngamakhulu ngamakhulu ngamakhulu ezikhathi, futhi akukaze nakanye kwehluleke. Futhi kungeke, uma bekuyohluleka, bekungeke kube nguNkulunkulu, kodwa njengoba kunguNkulunkulu, kungeke kwehluleke. Niyabo?

193 Ngakho ngime phambi kwezinkulungwane ezingamakhulu amahlanu ngesikhathi esisodwa eBombay, eNdiya, cishe izinkulungwane ezingamakhulu amabili e-Afrika, abahedeni nakho konke, futhi ngiphonsele inselelo abakaMohamede, ngithathe iKoran ngesinye isandla, iBhayibheli kwesinye, ngithi, "Omunye wabo uqinisile nomunye unephutha. Makuthi uNkulunkulu owenza isithembiso enze ukukhuluma." Kunjalo. Niyabo?

194 Lalela, mfowethu, i—izwe lengqondo lilungile, ukukhuluma nje, nokushumayela, ne . . . kodwa lalela, sekufike esikhathini, uyabo, sekufike esikhathini lapho uNkulunkulu Owavusa uJesu Kristu ezibonakalisa Yena uqobo. UNkulunkulu ka-Eliya usaphila, impela, Uyaphila.

195 Bukani emva kwalabobantu, nabaningi benu bafo nihambe naYe nsuku zonke futhi aniqondanga ukuthi bekuyini. Labo ababeMthanda, uKleyophase nomngane wakhe beya e-Emawuse, babehambe usuku lonke futhi bakhuluma naYe, babengazi ukuthi WayenguBani, usuku lwaKhe lokuvuka. Izinsuku ezintathu ngaphambili babeMbheka efa esiphambanweni, futhi nakhu kwakukhona uMuntu ofanayo.

196 Bangaki owaziyo ukuthi uNkulunkulu angavala amehlo noma avule amehlo na? Impela, Angakwenza. Impela, Angakwenza. Manje, Makavule awakho kulobubusuku. Niyabo?

197 Futhi emva kokuba Esefike e-Emawuse, wenza sengathi Wayezodlula, nabanye babo baMncenga ukuba angene. Ngenkathi Ebangenisa egumbini futhi wavala umnyango, wabavalela phakathi, njengoba silapha kulobubusuku, Wenza into ethize ngayo impela indlela Ayenza ngayo ngaphambi kokufa kwaKhe, ukumbelwa. Ngabe kunjalo na? Futhi baqonda, amehlo abo avuleka, futhi baqonda ukuthi kwakunguYe ngaso sonke isikhathi ababekade bekhuluma naye. Ngiyakhuleka kulobubusuku ukuthi izinhliziyo zethu lapho sisuka lapha, zizoba yindlela efanayo: "Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu, lapho Ekhuluma kithi endleleni na?"

198 Kwangathi Angenza kulobubusuku izinto ezifanayo nje Azenza ngaphambi kokuvuka kwaKhe ukugcwalisa iZwi laKhe. Akadingi ukuba akwenze ukukhombisa amandla aKhe, kodwa Ufanele akwenze ukugcwalisa iZwi laKhe. Yilokho Afika . . . Wayengadingekile ukuba aphulukise ukukhombisa amandla aKhe, kodwa Wadingeka aphulukise ukugcwalisa iZwi laKhe.

Manje hloniphani ngokuzithoba.

199 Lesisithombe sithathiwe, silapha, uma usifuna, uyasithola kulobubusuku noma kusasa ebusuku, hhayi obulandelayo, niyabo. Manje, abafana banesondo elinamateyipu, nezincwadi, nezinto. Manje, si . . . Lokhu nje yi . . . Lokhu kusobala esibatholela khona, nje . . . Asitholi . . . Anginazinhlelo zokuxhasa. Angikho lapha ngenxa yemali, niyakwazi lokho, nikuzwile lokho. Into eyodwa abagxeki abakwazi ukuyisho kumayelana nemali, ngoba angikaze, angikaze ngithathe umnikelo empilweni yami, futhi sengibe ngumfundisi iminyaka engamashumi amabili-nesithupha, angikaze ngithathe umnikelo empilweni yami.

200 Futhi anginayo ithelevishini, umsakazo, kanjalonjalo, lapho engifanele ngixhaswe khona, ngingahamba futhi ngishumayele kubantu onebandla elineshumi kulo, noma—noma—noma ezinkulungwaneni eziyikhulu uma iNkosi ifuna ngikwenze. Niyabo? Ngakho nje kukunoma yikuphi lapho Engithumela khona, ngizwa nje ngikhululekile ukuba ngihambe. Anginazo izinhlelo, akukho lutho oku . . .

201 Sinezincwadi, *UMlando Ngempilo Yami*. Abafana bathola iteyipu lapha, nalabobafana bawathengisa ngokusondele kakhulu nje. Bese kuthi-ke isithombe, ngiyazithenga qobo lwami, zinelungelo lobunikazi lapha eWashington, DC seSidalwa esingaphezu kwemvelo, kungaphansi kwakho ngqo, njengesidalwa esingaphezu kwemvelo kuphela esake safakazelwa ngokwesayense sithwetshuliwe. Bakwenza kumaphephandaba, kodwa lokhu kwenzeka ukuba kube yinhlangano eyenza lokhu.

202 Futhi eJalimane baSithola sehla, ngenkathi Sasigcoba, ngenkathi sibuyela emuva. Banaso eSwitzerland; saziwa

umhlaba jikelele. Futhi i—isithelo salowoMoya sithela ukuPhila kukaJesu Kristu, khona-ke Kuzofanele kube nguMoya kaJesu Kristu.

203 Manje, njengomuntu, ngingumuntu, lokho nje kufana nani nonke. Kodwa manje, uma singazinikela esiphiweni uMoya oNgcwele ozosinyakazisa, manje okulandelayo kukuYe.

204 Ngakho, Baba Nkulunkulu, ba . . . kusukela manje kuqhubeke, uMoya waKho mawunyakaze. Gcoba izinhliziyo ukuba zikholwe, futhi ungigcobe, Nkosi, ukuthi ngizobona ngalamehlo, ukuthi, izinto Ofuna lababantu ukuba bazazi, ukukholwa kwabo kuNkulunkulu ngenxa yenkazimulo yaKho. EGameni likaJesu. Amen.

205 Manje, inenekazi elihlezi lapha, angilazi, noma elimi lapha, njalo. Nje ngi . . . Ukuze nazi lokhu: Akukho noyedwa umuntu kulesisakhiwo engimaziyo. Bangaki emgqeni womkhuleko ebeningaphakamisa nje izandla zenu ukuthi anginazi, futhi angazi lutho ngani, emgqeni womkhuleko na? Niyabo?

206 Bangaki khona lapho owaziyo ukuthi angikwazi na? Ake sibone izandla zenu. UMfowethu Sumrall, nendodana yami, noDkt. Vayle, noMfowethu McAllister lapha, futhi ngibone omunye wabangane bami abangamaMennonite ndawondawo esikhashaneni esedlule ubesemhlanganweni waseWaterloo, kodwa ngikhohliwe ukuthi bekukuphi ngisakhuluma, ulapha esakhiweni ndawondawo, umfowethu ongumMennonite ovela, ubesemhlanganweni ngeviki eledlule eWaterloo.

207 Angazi manje, angahle ukuba uphumile, wayephakathi lapha ndawondawo, umfowethu ongumMennonite. Futhi ungowasePennsylvania, ngikholwa ukuthi ubenguye. Kade esekhaya lami, futhi sibe nenhlanganyelo ndawonye, undawondawo esakhiweni. Kodwa ugqoke ijazi labefundisi basesontweni abangamaMennonite, futhi u . . . Uma beningazi. Ngi . . . Akekho owaziyo . . .

208 Ngakho manje-ke, bhekani kuKristu manje, futhi nithi, “Nkosi, ngiyakholwa nje, ngiyakholwa nje.” Kukholwe nje enhliziyweni yakho. Hloniphani ngokuzithoba ngempela, futhi ningikhulekele, ngoba ngilapha ukumela iNkosi yenu ngeZwi laYo.

209 Manje, ngifuna nje ukukhuluma nowesifazane umzuzwana nje, ungowokuqala lapha kulobubusuku. Manje, uma inenekazi liyisihambi kimi . . . Manje, kuthiwani uma . . . ? Nasi isithombe esiphelele sikaJohane oNgcwele 4 engikhulume kini ngaso, owesilisa nowesifazane bahlangana okokuqala. Owesifazane, owesifazane ongumSamariya, noJesu wakhuluma naye imizuzwana embalwa waze Wathola lapho inkathazo yakhe yayikhona. Ngabe kunjalo na? Bangaki okukholwayo lokho manje na? UJesu wakhuluma naye waze Wathola inkathazo yakhe.

210 Manje, uma uMoya waKhe uzoza futhi uthole inkathazo yalona wesifazane ngendlela efanayo Enza ngayo lapho, bangaki abazokukholwa-ke ngazo zonke izinhliziyo zabo, bathi, "Ngiyathembisa ngiyakholwa"?

211 Manje, kuqala ngizosho lokhu, nezandla zami ziphakeme, angifungi, kodwa ngeBhayibheli, angikaze ngimbone owesifazane empilweni yami. Angimazi owesifazane, angikaze ngimbone. Futhi siyizihamb-. . . Lokhu ukuhlangana kwethu kokuqala, nenekazi na? [Udade uthi, "Ngakubona ePhoenix, e-Arizona eminyakeni eyishumi edlule."—Umhl.] Wangibona, u. . . Ubuhlezi emhlanganweni? ["Qhabo, ngedlule emgqeni womkhuleko nomfana wami."] Wedlula emgqeni womkhuleko nomfana wakhe eminyakeni eyishumi edlule ePhoenix, e-Arizona. Futhi ningazibonela ukuthi bengiyokwazini ngaye. Niyabo? Angikaze. . . Ngihlangane nabaningi, ngisho nezigidi zabantu kusukela ngaleyonkathi. Anginandlela. . . Ukuba bekusemgqeni womkhuleko, bengingeke ngikwazi, empeleni. Indlela kuphela engazi ngayo ukuthi kwenzekani. . .

212 Ngikholwa ukuthi ngibona uMfowethu Smith emuva lapho, umbhali we—wephephabhuku wangaphandle entshonalanga, eTexas, ngikholwa ukuthi yikho, noma—noma, e-Oklahoma. Mfowethu Smith. Yebo. Ngiyajabula ukukubona nomkakho.

213 Futhi lokho. . . Ngi. . . Indlela kuphela engiyoke ngazi ukuthi ngitheni bekungukubamba leyoteyipu lapho. Sazi konke okushiwo kubantu. Bhekisisani ukuthi kuthini. Uma Azi ukuthi bekuyini. . . Uma ngitshela lona wesifazane. . . Angahle ukuba uyagula, angahle ukuba akaguli, angahle ukuba umele omunye umuntu lapha, angahle ukuba ulapha ngenxa yezimo zezimali, angahle abe lapha ngenxa yenkathazo yasekhaya, angazi, niyabo, bengingeke ngikutshele. Kodwa uma bengingathi, vele ngithi, "Nenekazi, uyagula na?"

Uthi, "Yebo, mnumzane."

214 Ngibeka izandla zami phezu kwakhe, ngithi, "Mayibongwe iNkosi, uzosinda. Haleluya! Hamba ukukholwe." Awu, ubeyoba nelungelo lokukungabaza lokho. Hhayi. . . Awu, bengingeke ngazi noma ubeyokwenza noma qha, kodwa niyabo, uzofanele abe nethuba lokubuza engqondweni yakhe ukuthi ngabe bekunjalo ngempela yini.

215 Kodwa uma uMoya oNgcwele umtshela okuthize osekuvele kusempilweni aziyo ngakho, into ethize ayenzile kudala, noma into ethize ayenzile kuqala ukuza lapha, noma okuthize, makabe ngumahluleli ukuthi ngabe kuqinisile noma qha; futhi wena yiba ngofanayo phandle lapho, khona-ke uzokwazi. Uma Azi ukuthi bekuyini, impela Uzokwazi ukuthi kuzoba yini. Ngabe kunjalo na? Ngakho lokho kuyakufakazisa, leso yisimangaliso.

216 Owesifazane ubukeka engomkhulu, onamandla, owesifazane ophilile kimi, kodwa mhlawumbe, angahle ukuba uyagula,

bengingeke ngikutshele. Kodwa noma ngabe kuyini, uma bengiyothi, "Kukhona intombazanyana, amanenekazi amabili ehlezi lapha esihlalweni esinamasondo," impela, asesihlalweni esinamasondo, "futhi akhubazekile," impela, noma ubani uyakwazi lokho, lokho bekungeke kube yisimangaliso ukusho lokho.

217 Kodwa kuthiwani ngalo wesifazane na? Ubukeka eqinile. Kuthiwani ngalaba besifazane lapha, lamadoda, noma omunye phandle lapho, ubukeka eqatha futhi ephilile na? Naso isimangaliso sakho. Manje, hloniphani ngokuzithoba ngempela.

218 Wena uthi, "Mfowethu Branham, uyabambezela."

219 Ngiyakwazi, kunjalo impela. Ngilindele Yena. Kunjalo impela. Uma Engasizi, woza kimi, ngizovele ngikhiphe izethameli ngomkhuleko, noma ngenze into efanayo, ngilindele Yena.

220 *Kholwa Kuphela*, uma uthanda, dadewethu. Nje wonke umuntu ahloniphe ngokuzithoba ngempela. Hloniphani ngokuzithoba ngempela. Manje, sisakhuluma nenenekazi umzuzwana nje, mhlawumbe Uzokhuluma.

221 Manje, dadewethu. . . Futhi noma ngabe ubani okwimayikrofoni, bhekisisa manje, ngoba ngumbono, ukwenye indawo, awazi ukuthi ukhuluma kakhulu kangakanani, noma ukhulumela phansi kangakanani, ngakho-ke noma ngabe ubani ongunjiniyela, qhubeka ukukhuphule ngenkathi umbono uqala lapho wenza.

222 Manje, o, ngikholwa ukuthi uthe eminyakeni emininganа edlule wawusemsamo ePhoenix, e-Arizona. Lezo kwakuyizinsuku ezinkulu, ngiyazikhumbula. Ngiyakhumbula, ngikholwa ukuthi izinkulungwane ezintathu ziza ngomugqa ngenye intambama ePhoenix, e-Arizona. UseyiNkosi uNkulunkulu ofanayo, U—Mkhulu, Angenza zonke izinto.

223 Manje, eGameni likaJesu Kristu, wonke umoya uthobela uMoya oNgcwele. Hloniphani ngokuzithoba, Ulapha.

224 Ukukwazi, angikwazi. Uma ugula, ukukuphulukisa, angikwazi. Indlela kuphela ebengingenza ngayo. . . Ukuba iNkosi yethu uJesu ibimi lapha igqoke lesudu yezingubo Eyangipha yona, Ibingeke ikuphulukise, uma ugula, Kuphela Ibingenza okuthize ukukwenza wazi ukuthi Ilapha ekuphenduleni eZwini laYo. Ngakho Yona, ise—esimweni sikaMoya ingasebenzisa umzimba wenceku yaYo ngento efanayo. Uyakukholwa lokho, nenekazi na? Uyakholwa ukuthi ngikhulume iqiniso elivela eBhayibhelini na? Uyakukholwa ngesizotha na?

225 Futhi manje, uyazi ukuthi kukhona okwenzekayo. Futhi uyazi umi lapha ngakumfowenu bekungeke kukwenze uzizwe

ngaleyondlela, ngoba phakathi kwami nowesifazane nakho lokho kuKhanya kuhamba.

226 Nowesifazane usesimweni esibucayi. Into yokuqala, ngiyambona, uza kimi edabula egumbini, uhlikihla uhlangothi lwakhe. Yi . . . Uyasuka esihlalweni manje kalula ngempela, uhlushwa ufehlane. Kunjalo. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI.

227 Makabe ngumahluleli ukuthi ngabe bekuqinisile noma qha, okushiwo. Bekunjalo, nenekazi na? Uma kunjalo phakamisa isandla sakho. Uyabo? Uyabo? Kulungile. Manje, obekuyikho, angazi. Kodwa, niyabo, uma uthatha njengo—njengowesifazane emi lapha . . . Manje, noma ngabe bekuyini, ulizwile lelophimbo, kodwa bekungesilo elami.

228 Manje, sobabili siphakamise izandla zethu ukuthi asazani, asikaze sibonane, kuphela nje ledlule emgqeni womkhuleko. Awu, manje, eminyakeni eyishumi edlule ngenkathi mhlawumbe babedlula ngokushesha ngangokunokwenzeka welusa izinkomo zedlule. Niyabo? Kodwa, bukani lapha, nakhu manje, Imtshela okuthize, noma ngabe bekuyini, kuseteyipini, uyafakaza ukuthi kuyiqiniso. Ngi . . . Lapho, bekukuwe, noma ukholiwe noma qha, niyabo, kukuwe.

229 Kodwa manje, lapho ukhuluma kakhulu nowesifazane . . . Manje, leyo yinto efanayo, iNkosi uJesu yathola inkathazo yowesifazane, futhi yilokho, noma ngabe bekuyini lokho bekuyiqiniso, wafakaza iqiniso. Nenenekazi liphakamisa isandla salo, lelo yiqiniso. Kunjalo, nenekazi na? Nakho-ke. Noma ngabe bekuyini kuyiqiniso.

230 Manje, lapho ukhuluma kakhulu nowesifazane, okuningi kuyoshiwo, siyakuqonda lokho. Niyabo? Beningakufisa nonke, kungukuthi lona wesifazane emi lapha, nje ukukhuluma naye kancanyana nje na? Ubungakufisa lokho na? Noma ubungaqoka nje ukumedlulisa emgqeni na? Kulungile. Asikhulume nowesifazane umzuzwana nje. Hloniphani ngokuzithoba.

231 Manje, nenekazi, indlela kuphela engizokwazi ngayo . . . Uyakubamba, Leo, lapho. Niyabo? Kulungile. Indlela kuphela ebengingazi ngayo ukuthi bekuyoba yilokho, noma ngabe yini ekuleyoteyipu lapho. Manje, bheka nje futhi futhi ukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho. Cela . . .

232 Angifundi wona umqondo wakho. Qhabo, mnumzane. Manje, lowo ngumcabango ofika endlini. Manje, ningakukholwa lokho. Angifundi wona umqondo wowesifazane, lutho nhlobo, ngixhumana nomoya wakhe nje. Ungowesifazane ongumKristu, ngokuba umoya wakhe uzwakala wemukelekile. Ubengaba ngumgxeki, niyabo, kodwa ungumKristu, ikholwa langempela.

233 Manje, uma iphimbo lisengazwakala, yebo ngiyambona owesifazane, wenza into ethize. Yebo, wu—wufehlane, wufehlane emzimbeni wakhe. Bese kuthi-ke ngimbona endaweni lapho eshintsha khona izingubo zakhe zangaphansi,

futhi ukhathazwa yinto ethize kuye . . . isebeleni lakhe, unesimila ebeleni lakhe, umdlavuza, ithunzi elimnyama.

234 Nowesifazane akasuye owakulelizwe naye. Owesifazane uvela edolobheni eliseduze kwechibi elikhulu, indawo enkulu lapho kunezithelo eziningi ezimilayo, futhi leyo yinyakatho, yiBenton Harbor, eMichigan, owesifazane uvela khona. Futhi igama lakhe nguNkk. Mansfield. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI.

235 Uyakholwa manje, nenekazi na? Noma yini Ayishilo ibiyiqiniso, ngabe kunjalo na? Asi, asibe ne . . . Manje, inenekazi lithe, "Onke amazwi." Impela. Manje, noma ngabe bekuyini, asikhuleke, nina niyiBandla likaNkulunkulu manje, noma ngabe iyini inkathazo yakhe, asi . . . wena—wena khuleka lokhu phambi kwakhe, ukuze abe . . . abe nanoma yini ayicelile. Manje, imikhuleko yakho iyona ezobalela kuye manje.

236 Baba waseZulwini, abantwana baKho bayakholwa. O, he, owesifazane uyadinga, futhi sicela ukuthi noma yini ayifisayo, kwangathi ingeza kuye njengamanje, Nkosi, futhi imenze . . . Noma yini . . . Uma egula, mphulukise, uma enezinye izifiso, mnike zona, Nkosi. Sicela lokhu, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

237 IBhayibheli lathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo; uma bebeka izandla phezu kwabagulayo, bayakusinda." Hamba, ukholwa manje. Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Njengoba ukholiwe, uzokwemukela, njengoba nje ucelile.

238 Uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho manje na? Yiba ngowangempela . . . Manje, nina phandle lapho, lowo ngumoya omangalisayo, kugcineni nje lokho phezulu, futhi nizobona inkazimulo kaNkulunkulu. Nina lapha kulendlu, qhubekani nje niMkholwa lapho. O, kumangalisa kanjani manje! Manje, manje UnguBasi, manje ukuthi uMoya waKhe uzisho ukuthi uthobile. Manje yisikhathi. O, kumangalisa kanjani! Kholwa nje.

239 Ngicabanga ukuthi siyizihambi komunye nomunye, nenekazi; ngiyisihambi kuwe. [Udade uthi, "Kade ngisekhaya lakho, ngiqagele awukhumbuli."—Umhl.] Uke waba . . . Kade usekhaya lami, uNkulunkulu uyazi ukuthi angikukhumbuli. Angikaze ngikubone, ngokwazi kwami, uyabo. Kunamakhulu, namakhulu, namakhulu eza lapho. Ngi . . .

240 Awu, ake sibone, angazi ukuthi uzele ini lapha, anginalwazi, uyakwazi lokho, ngi . . . njengaleyongxenye. Uma iNkosi izongembulela ukuthi iyini inkathazo yakho, uzokwemukela na? Uzokwemukela na?

241 Ingabe izethameli zizokholwa na? Futhi nasi isandla sami, ngokwazi kwami, angikaze ngimbone owesifazane. Uthi kade esekhaya lami, kodwa he, lokho ngamakhulu ngamakhulu kade elapho. Niyabo? Ngakho angisoze ngazi ukuthi bekungubani.

Kodwa uma iNkosi izokwembula isicelo sakho, khona-ke uzokukholwa na?

242 Ufuna ngithinte leloduku. Leloduku alisilo elakho, kodwa elabanye babathandekayo bakho, ngumlamu wakho wesifazane, futhi usesibhedlela sikahulumeni, hhayi kulesisifunda, kodwa esifundeni sase-Ohio.

243 Manje-ke, eGameni likaJesu Kristu, makube njalo, Nkosi. Amen.

244 Kulungile. UNkulunkulu akubusise. Manje hamba wemukele lokho okucelile.

245 Ngicabanga ukuthi siyizihambi komunye nomunye, mnumzane na? Okokuqala ukuba size sibonane. Nansi indoda engingakaze ngiyibone noma ngihlangane nayo. [Umfowethu ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] Mnumzane? Uhlale ezethamelini na? Kade esemhlanganweni eChicago futhi wangibona emsamo; okokuqala ukuba size sibe ndawonye. Angisenamqondo ukuthi yini, ubani, noma lutho ngakho, niyabo, kunanoma yini.

246 Ngibambe ezinye zalezizinto ngenxa yabantu bazi, niyabo, bathi babekade besendaweni ethize. Uma izethameli zizokwazi ukuthi ngine . . . Lesi kuyisikhathi sethu sokuqala ukuba sike sibe ndawonye, a—angazi ukuthi uzele ini lapha, uyakwazi lokho, kuyothatha uNkulunkulu ukwenza lokho. Uma Ezokwembula, uzokukholwa na?

247 UyaMkholwa na? Ubukhuleka ngaleyonkathi ubungenjalo na? Isimo sakho sokufa, kunjalo, umdlavuza. Lelo yiqiniso. Kodwa uthinte Yena ngaleyonkathi, uMthintile, awukaze ungithinte. Kunjalo. Yiba nokukholwa nje . . . ? . . .

Yiba nokukholwa nje, ungangabazi.

248 Umangalile uhlezi ngakuye, umbhekile. Angikwazi. Uyakwazi lokho. Unenkathazo ngekhanda lakho nokho, kade unesithuthwane. Uma lokho kunjalo vayizelisa isandla sakho emuva naphambili *kanje*, ukuze . . . Sekusukile kuwe manje, ukukholwa kwakho kuMthintile.

249 Yiba nokukholwa nje, ungangabazi. Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho. Unga—ungaba nakho okucelile uma uzokholwa.

250 Ngiyaxolisa. Yileyondlela nje Ahola ngayo. Niyabo, kungukuthi, ngifanele ngi . . . NgukuKhanya, futhi nje ngilandela ukuKhanya njengoba Kuhola. (O, ngiyabonga, mnumzane, lokho kuhle kakhulu.) Uma ukukholwa, khona-ke uNkulunkulu angakwenza.

251 Uma izethameli zisengalizwa iphimbo lami, lendoda lapha isesimweni esibucayi, isibekelwe ubumnyama. Futhi yona nje—yona nje ivela kudokotela, futhi wenza okuthize ngapho, ekushaya *lapha*. Bafaka into ethize e . . . Yi—yinkathazo yenhliziyo. Kuyilokho-ke, yinkathazo yenhliziyo.

252 Futhi ngiyamuzwa ethi, uhlobo lwendoda ebukeka iqinile, futhi uyasho kuwe ukuthi kuyoba amaviki ngaphambi kokuba ubuyele emsebenzini futhi. Kunjalo. Ube nokuhlaselwa yinhliziyo okuningana, kasikhombisa. Futhi uzizwa nje ugula ngezinye izikhathi, uze ungakwazi ngisho nokubeka amanzi esiswini sakho, uyakukhuphula ukuhlanze. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Uyakholwa na?

253 Nkulunkulu oPhakade noBusisiwe Owavusa uJesu kwabafileyo, busisa lendoda, esiyibusisa eGameni laKho, futhi kwangathi ingemukela lokho ekucelile. Ngokuba kungukuthi, eGameni likaJesu Kristu, siyakucela. Amen.

254 Ungangabazi manje, kholwa. Ngicela ukuphulukiswa kwakho. Hamba ukholwa.

255 Yiba nokukholwa, ungangabazi. Unganyakazi, manje hlala uthule nje, hlonipha ngokuzithoba ngempela. INkosi yethu ayimangalisi na? Kuhle kakhulu!

256 Sawubona? Ngicabanga ukuthi siyizihambi komunye nomunye. Kodwa iNkosi uNkulunkulu uJehova, Iyasazi sobabili. Futhi uma Ezongembulela izinkathazo zakho, uzokukholwa ngayo yonke—ngayo yonke inhliziyo yakho na? Lokhu ngukuhlangana kwethu kokuqala ngiyethemba? Isikhathi sethu sokuqala.

257 Kukhona into elokhu yenzeka ngalendlela, ifanele ibe semuva phakathi emva kwamagumbi lapho, ndawondawo. Ilokhu ingidonsa nje ngaleyondlela, umuntu nje onokukholwa ngempela.

258 Uyakholwa ukuthi iNkosi ibingembula kimi ukuthi yini—yini inkathazo yakho, bese kuthi-ke ubuyokwemukela na? Manje, bangaki ezethamelini manje abaMkholwayo ngayo yonke inhliziyo yenu na? O! Niyabo? Manje, kuyini na? Nje, uma Ezogcina leloZwi, Ugcina lonke elinye iZwi Ake alisho, Uzofanele akwenze. Kukhulu kangakanani lokho Akwenzayo manje kunalokho obekuyoba yikho uku—ukuphulukisa isimo sakho na? Niyabo? Niyabo? Uyaligcina iZwi laKhe, Ubophezelekile kukho, Ubophezelekile eZwini laKhe.

259 Inenekazi alikho lapha ngesingalo, lilapha ngomunye umuntu, nalowomuntu elimmele lapha, akekho lapha naye. Bekungumama wakho lowo na? Uma uNkulunkulu ezongitshela ukuthi yini engalungile ngomama wakho, omkhulekelayo, uzokukholwa na? Umdlavuza. Kunjalo.

260 Manje, wenze into ethize njengamanje obungazi kwehluka, kodwa bekuyiphutha ukukwenza: Lelikhadi lomkhuleko olemukelile, umngane ukutholele lona. Niyabo? Kunjalo. Lokho aku—lokho akufanele kwenziwe emihlanganweni. Ubungazi kwehluka, ngoba besingakuchazanga. Omunye ulitholile, ngiyababona belinika wena, okungafanele kube njalo.

261 Yini indaba, Billy na? Ushelele kanjani kulokho na? Kulungile. Kodwa manje, kulungile, awuzange . . . awonanga, awenzanga lutho olungalungile.

262 Manje, leloduku elincane oliphethe ngesandla sakho, hamba ulibeke phezu kukamama wakho, ulibeke phezu kukamama wakho futhi ukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho. Kwangathi uNkulunkulu angamphulukisa . . .? . . . Kulungile. UNkulunkulu akubusise.

263 Asikholwe manje ngazo zonke izinhliziyo zethu. "Uma ukholwa!"

264 Ucabangani uhlezi lapho, ne . . .? Uyakukholwa, khona lapha na? Indoda esikhulile ithi ukunikina ikhanda layo kanjalo, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu ubengasiphulukisa lesosibhono futhi Uzokusindisa na? Uyakholwa ukuthi Uzokwenza na? Phakamisa isandla sakho uma ukholwa ukuthi Uzokwenza. Kulungile. Khona-ke uma ukukholiwe, makube ngokokukholwa kwakho. Amen.

265 Angikwazi. Siyizihambi komunye nomunye na? Asikaze sihlangane ngaphambilini empilweni.

266 Ngiyaxolisa, kukhona enye into eyenzekayo, uyabo, ngifanele nje ngiKubhekisise, ngi . . . lapho Okuya khona. O, yebo. Nakhu. Belwa omunye nomunye. Niyabo? Unenkathazo ngeqolo lakho, khona lapho ekugcineni, futhi, inkathazo yeqolo. Uma ukukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, kunjalo, khona-ke sekuphelile.

267 Unenkathazo uzama ukubamba lokho na? Indoda ibihlezi lapho . . . Esikhashaneni esedlule ngenkathi ngikhuluma, mnumzane, ubuzama ukukholwa. Bekungenjalo lokho, ngayo yonke inhliziyo yakho na? Uyabo? Lokho ngukuthi, ukukholwa kwakho bekungena, kodwa angikwazanga ukusho ukuthi bekukuphi. Niyabo?

268 Njengalokhu, ngenkathi lomoya lapha uzama ukubamba owesifazane, into efanayo iqala ukumemeza komunye nomunye, nomushwe omnyama uza unqamula ngapha, ngazile-ke ukuthi bekuyini. Futhi ngabona umbono wowesifazane, ngabona indoda ibonakala lapha phambi kwami, futhi, futhi ngi— ngiqaphelile ukuthi bekuhlezi phakathi lapha, khona-ke ngiyazi ukuthi bekukuphi.

269 Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Unenkathazo yomgogodla, eyabangelwa ingozi yemoto. Futhi ufuna ukubuyela ezansi eKokomo futhi uphiliswe na? Kulungile, buyela ekhaya eKokomo futhi uphiliswe, eGameni leNkosi uJesu.

270 "Uma ukholwa!" IBhayibheli lithi, "Uma ungakholwa." Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na?

271 Wena phandle lapho nofehlane, uhlezi phandle lapho, kwabangelwa ingozi yemoto, futhi. Yebo. Uyakukholwa ngempela. Amen. Yiba nokukholwa.

272 Isibhono, uhlezi ngapha, uyakholwa ukuthi iNkosi uJesu iyakusindisa, nawe na?

273 Bangaki abazokukholwa khona manje na? Angakwenza konke nokuncu khona manje. UyaMkholwa na? Kulungile. Kulungile. Bekani izandla zenu phezu komunye nomunye. Akukho—akukho sidingo sokuqhubekela phambili, khona lapha yisikhathi sokwenu, konke ukuphulukiswa kwenu. Bekani izandla zenu phezu komunye nomunye futhi nikholwe. Nina enisemgqeni womkhuleko, awu, sizokwenza into efanayo nje sikhuphuka, bekani nje izandla zenu phezu komunye nomunye. Manje, nakhu lapho enikhona.

274 Ngifuna sonke isoni, kuthi nje lomkhuleko ungenziwa uphuthume phezulu lapha e-altare. UBukhona beNkosi uJesu bulapha, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo ilapha.

275 Yebo, kunjalo, wena onakwamanenekazi, inkathazo yabesifazane uhlezi lapho, iNkosi iyakuphilisa, dadewethu othandekayo, ungabe usakhathazeka ngakho. Impela.

276 I-TB, uNkulunkulu akubusise, konke sekuphelile manje, futhi ungahamba, uphiliswe. Kunjalo.

277 Yiba nokukholwa nje manje, kholwa. Uma uNkulunkulu ezozwa umkhuleko kusukela lapha, Uyawuzwa phandle lapho. Ngabe Wenza nje ncamashi ngendlela Enza ngayo ngezikhathi zeBhayibheli na? Khona-ke Uyawuzwa umkhuleko. Asibeke izandla zethu phezu komunye nomunye manje futhi sikhuleke, kuso sonke isakhiwo.

278 Baba waseZulwini othandekayo, o, ngibonga kakhulu ukwazi ukuthi kusekhona ukukholwa okunyakazayo emhlabeni. O, lelihora elikhulu njengamanje, lapho sibheke into ethize enkulu ukuba yenzeke, abantu abakholwayo, bayakholwa ngoba Ubatshele lezizinto. Futhi Wathi kuNathanayeli, "Uyakubona izinto ezinkulu kunalokhu." Siphe khona manje, Nkosi. Kwangathi bangaba nokuzwa ukuthi uKristu ugcina lonke iZwi naso sonke isithembiso. Kwangathi uMoya oNgcwele ungeza ngamandla phezu kwalezizethameli njengamanje. Futhi uma bekungaba khona isithunzi sokungabaza, nomaphi . . .

279 Sathane, wehluliwe empini, udaluliwe, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo ilapha. Futhi ngiyakuyala eGameni likaJesu, suka lapha! Makuthi konke ukugula kuhambe, konke ukuhlupheka, ngicela udeveli, noma, ngiyamlahla eGameni likaJesu Kristu! Phuma, Sathane, futhi bayeke lababantu! EGameni likaKristu, iNdodana kaNkulunkulu. Amen.

280 Yimani ngezinyawo zenu, niMnike udumo. Wena obungakwazi ukuzwa, faka iminwe yakho endlebeni yakho.

Noma ngabe bekuyini Mnikeni udumo. UMoya kaNkulunkulu uhamba phezu kwendawo futhi uphulukisa zonke izethameli.

58-0207 UJesu Kristu NguYena Izolo, Namuhla, naPhakade
ESouth Bend Gospel Tabernakele
ESouth Bend, E-Indiana E-U.S.A.

ZULU

©2026 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org